



# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 203 • NOVEMBER 2016

## UMKHULEKO WOKULETHA UKUTHULA KWIMBONI YAMATEKISI E-NEWCASTLE



Umhlonishwa Sibongiseni Dhlomo ongungqongqoshe wezeMpilo esiFundazweni saKwaZulu-Natal, uDokotela Musa Ngubane ongusodobha woMkhandlu waseMajuba, uNdunankulu wesifundazwe saKwaZulu-Natal umhlonishwa Thembinkosi Willies Mnchunu kanye noMnu Makhosini Nkosi ongusodolobha kamasipala wase-Newcastle. Isithombe: **THEMBA MNTYALI**

Njengoba bekuyinyanga yezokuthutha uNdunankulu waKwaZulu-Natal uhambale indawo yaseNewcastle ephelzelwa ngungqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo lapho bekunomkhuleko wokuletha ukuthula noxolo kosomatekisi base Newcastle. **Bheka udaba ekhasini 3**



MR. T.M. KAUNDA  
MDC: KwaZulu-Natal Transport,  
Community Safety and Liaison



**november is safety month**



*"Road Safety Is Our Collective Responsibility."*

# OKUNGAPHAKATHI



## IKWAZULU-NATAL EZINHLELWENI ZOKUQINISA AMAXHAMA OKUHWEBELANA NELASE SINGAPORE

### IKHASI 3

UNDUNANKULU waKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu ujube umphathiswa wezeMpilo uDkt Sbongiseni Dhlomo ukuba ayohlangana nethimba laseSingapore ebeliholwa uMinister of defence uDkt Mahamad Malik Bill Osman.

### LIKHULU ISASASA KUBATSHALI ZIMALI NGESITHEBE

### IKHASI 5

Ulokhu uqhubeka njalo nokuhlomula ngamathuba emsebenzi ahambisana nokutshalwa kwezimali izinkampani ezinkulu umphakathi waseMandeni.

### BAZOTHATELWA IZINYATHETO ABADLA IMALI YEZINTANDANE BANGAZINAKEKELI

### IKHASI 7

Bazothithola bebhkana nengalo yomthetho labo ababhalise njengabantu abahlala nezintandane kodwa behluleka ukuzinakelela ngendlela efanele.

### UNGQONGQOSHE USITHOLE-MOLOI UTHI MAKUQALE NGAPHAKATHI UKUBAMBISANA NOZWANO

### IKHASI 11

Isiya ngasekuphuthulweni inhlollovo yomhlahlandela omusha wonyawo osekuzoshaywa ngalo emnyangweni Wezobuciko Namasiiko KwaZulu-Natali emva komzungezo owenziwe isifundazwe sonke.

### UKAUNDA UNIKE ABAFUNDI NOTISHA ITHUBA LOKUBEKA IZINSELELO

### IKHASI 13

UNGqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ube yingxene yokuhambela izikole ngaphansi kwasifunda uThukela lapho iKhabinethi yaKwaZulu-Natal ibihlola isimo ngaphambi kokuba abafundi baqale ukubhala izivivinyo zokuphela konyaka.

## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwu kibili ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwu esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za Liyatholakala naku: www.kznonline.gov.za

Ithimba elihlanganise iphephandaba:

**Umhleli omkhulu:**

Mahlathi Tembe


**Umhleli wamakhasi nezindaba:**

Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**

Zandile Shange no Themba Mntyali

© KZN Provincial Government





UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mnchunu ngesikhathi echaZela omunye wabashayeli bamaloli ngokubaluleka kokugcina imithetho yemigwaqo. Isithombe: THEMBA MNTYALI

## UBE IMPUMELELO UMHULEKO WOKULETHA UKUTHULA KWIMBONI YAMATEKISI E-NEWCASTLE

Siyabonga kakhulu Ndunankulu ngemizamo yakho ebenempumelelo yokuletha ukuthula kwimboni yamatekisi eNewcastle ngoba bekunokungazwani okuningi kuthina sisodwa

### NOLWAZI NZUZA

**N** jengoba bekuyinyanga yezokuthutha uNdunankulu waKwaZulu-Natal uhambele indawo yaseNewcastle epehezelwa nguNgqongqoshe wezempiro uDkt Sibongiseni Dhlomo lapho bekunomkhuleko wokuletha ukuthula noxolo kosomatekisi base Newcastle.

UNDunankulu kanye noMnuz Dhlomo baqale emgwaqeni u-N11 lapho umnyango wezokuthutha ubuvimbe khona umgwaqo uphinde ubophe bonke abaphula umthetho emgaqwensi.

UNgqongqoshe uMnu Dhlomo ubebambele Ngqongqoshe wezokuthutha kwisiFundazwe uMnuz Mxolisi Kaunda ongakwazanga ukuphumelela ngenxa yokugula.

Uhlelo luqhubeke eFarmers Hall lapho uMnu BB Zondi ongusihlalo weSantaco esifundazweni ebonge uNdunankulu ngeqhaza alibambile ekuletheni ukuthula kulendawo ngesikhathi esenguNgqongqoshe wezokuthutha.

"Siyabonga kakhulu Ndunankulu ngemizamo yakho ebenempumelelo yokuletha ukuthula kwimboni yamatekisi eNewcastle ngoba bekunokungazwani okuningi kuthina sisodwa kodwa emva kokuba ungenelelile kuloludaba kube nomehluko omkhulu kanye nokuthula kulemboni" kubeka uMnu Zondi.

UNDunankulu ugcizelelile ukuthi osomatekisi base Newcastle ibona abenze umsebenzi omkhulu kanti futhi ibona ababambe iqhaza

elikhulu ekubeni nokuthula kulendawo.

"Ngesikhathi somzabalazo safundiswa ukuthi sisebenzele abantu ngokuzikhandla futhi nangokuzimisela asifundiswanga ukuthi sisebenzele ukunconya" kusho uNdunankulu enkulumweni yakhe.

Umpakathi waseNewcastle ubuphume ngobuningi bawo yize kade likhiphe umkhovu etsheni, kanti umphakathi uthokoziswe ngamazwi akhuthazayo abevela kumphathi wohlelo owaziwayo kakhulu oKhozini FM uMnu Sibusiso Buthelezi.



UNDunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mnchunu kanye noDokotela Musa Ngubane ongusodobha woMkhandlu waseMajuba lapho bepha amashayeli ngezinsiza zezimo eziphuthumayo. Isithombe: THEMBA MNTYALI

## Ikwazulu-Natal ezinhlelweni zokuqinisa amaxhama okuhwebelana nelase Singapore

### INNOCENT SINDANE

UNDunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mnchunu ujube umphathiswa wezeMpilo uDkt Sbongiseni Dhlomo ukuba ayohlangana nethimba laseSingapore ebeliholwa uMinister of defence uDkt Mahamad Malik Bill Osman. Kulomhlangano kudingidwe okuningi mayelana nobudlelwano obuhle obungase benzeke nesiqhingi sase Singapore. I-Singapore iyaziwa ngokuthi isithuthuke kakhulu kwezomnotho, wezokuvakasha, nowasolwandle, lapha kuyanakeka ukuthi iNingizimu Africa ingazuza

lukhulu ngokolwazi ngoba abantu base Singapore sebemnkantshubomvu kuloluhlelo, loluhlelo lusematheni lapha eNingizimu Africa, ngaphansi kohlelo Iwe Operation Phakisa.

Okuphinde kwadingidwa lapha ulwazi abazoluletha ngohlelo lokumunca nomu ukudonsa amanzi olwande kwazise phela isomiso sisemi ngenhla.

Loluhlelo luzokhipha amanzi olwandle liwahlante bese elungela ukusetshenziswa ngezindlela ezihlukile, lolulelo luphezulu eSingapore. Okunye abakuvezile ukuthi bayafisa ukuba izindiza zabo

zithinte kuleli elikamthaniya zingagcini e-OR Thambo nako Cape town kuphela. UDkt Dhlomo usazodlulisela kuNdunankulu nakuNgqongqoshe uSihe Zikalala.

Okunye abazokuthatha uhlelo Iwezokokwakhiwa kwenzindlu, okunye futhi kuge wuhlelo Iwabo lokuhlanganisa umbutho wamaSosha wabo.

Kuningi okuhlabo umxhwele kangangokuthi kuge kwavela ukuthi ngumqondo ophusile ukuthi kuge khona ithimba lalapha KwaZulu-Natal elizovakashelea eSingapore.



UDkt Sbongiseni Dhlomo kanye no uDkt Mahamad Malik Bill Osman benikezana izipho. Isithombe: ZANDILE SHANGE

# ABAZALI ABANGASABI UKUBIKA UMA IZINGANE ZABO ZENZA UBUGEBENGU KUSHO UNDUNANKULU ETSAKANE

NOLWAZI NZUZA

**U**Ndunankulu waKwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu uhole ithimba lakhe loNgqongoshe bahambela uMasipala wase Alfred Duma ngaphansi kohlelo luka Operation Sukuma Sakhe olwenzeka njalo ngenyanga.

Uhambo lukaNdunankulu nehhovisi lakhe luqale eSidingulwazi Primary School Iwapelela e-Tsakane Community hall ku Ward 9.

Ngeskathi uNdunankulu ehambele eSidingulwazi Primary School ugale ngokuchaza kabanzi ukuthi iuyini uhlelo luka Operation Sukuma Sakhe nokuthi yini inhoso yaloluhlelo.

"Uhlelo luka Operation Sukuma Sakhe Isuka emlandweni walelizwe umuntu omnyama ohlala

kulelizwe osekhlulile futhi owayesekhona esehluzekele ngokomqondo ngaphambi kokuthi kuvotwe ngo 1994 uyazi ukuthi lelizwe lethu lonke like laba nenkinga yokuthi sithi sikhona singabantu abamnyama singabanizazi balelizwe kodwa singakwazi ukulibusa nokulithuthukisa kufike abebala abamhlophe bafika balithatha izwe lonke kwaba ngelabo basebenzisa amandla omthetho basiphuca ilungelo lokubusa lelizwe" kuchaza uNdunankulu.

Uthishanhloko walesikole uNksz Thembisile Ngubeni uchazele uNdunankulu ngokusungulwa Kanye nokusebenza kwalesikole samabanga aphansi, kanti ukubeka kwacaca ukuthi lesikole sisibenzisa amagumbi angomahamba nendlwane kanti sisohleweni lokwakhwiha ngonyaka ozayo. Uthishanhloko uqhube wathi ziningi izingqinamba ababhekana nazo njengoba isikole

singakakhiwa ikakhulukazi indaba yezindlu zangasese ezingekho esimweni esigculisayo kodwa baphokophele phambili nokufundisa abantwana noma kunjalo.

UNDunankulu uthembisile ukuthi uhlelo lokwakhwa lesikole luzoshesha kodwa kuzomele othisha babekezele, ngoba akulungile neze ukuthi isikole esinabantwana abaningi kangaka singabi nesakhiwo sesikole kwazise abaholi bakusasa bazophuma kuzona lezingane.

Abakwa Al Imdaad Foundation banikelile ngezinsiza zokufunda kwathi Impoqo okuyinhlangano esiza umphakathi yanikela ngokudla kanti kuphinde kwaba nomnikelo waR100 000 ovele kuMnuz MG Nala ongusomabhizini.

Uhambo lukaNdunankulu Iuphelele eTsakane Community hall Iapho uNdunankulu nethimba lakhe behkulume khona nomphakathi wakulendawo ngezinkinga nezingqinamba ababhekene nazo. UDkt Zulu opethehlelo lukaSukuma Sakhe oThukela ukhulume nomphakathi ngokubaluleka kokusebenzisana nohulumeni. Uphinde wakugcizelela ukuthi abazali abakhulume nezingane zabo ngobungozi bocansi olungaphephile ngoba izibalo zikhombisa ukuthi linyukile izinga lokukhulawa kwezingane ezineminyaka esukela kwengu 15 kuya 24 kuMasipala wasoThukela.

Amalunga omphakathi akhale ngezinga eliphezulu lobugebengu Kanye nokuhamba kancane kohlelo lokulethwa kwezidindo kwazise lendawo ayinayo iClinic Kanye nomtapo wolwazi.

UNDunankulu ukubeke kwacaca ukuthu abazali Kanye namalunga



UNDunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal, uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mncunu, noMnu Zakhele Mnqayi onguMqondisi jikele osabambile, kanye noNksz. Sibongile Nzimande oyinhloko yomnyango yezeMfundu (HOD) lapho bemukelwa khona uthishanhloko uNksz. Thembisile Ngubeni kanye nabafundi besikole abasebangeni aphansi iSidingulwazi Primary Isithombe: **THEMBA MNTYALI**

omphakathi abangasabi ukubika ubugebengu, ngoba izigameko eziningi zobugebengu zenziwa abantu abaziwayo emphakathini kanti ayikho enye indlela yokuthi kunqandwe ubugebengu ngaphandle kokuthi kubikwe

izigilamikhuba ezihlukumeza abantu. UNdunankulu uphethe inkulomo yakhe ngokunxenxa amalunga umphakathi ukuthi asebenzise ama War-rooms ukuzwakalisa izikhalo zavo kwikhansela lendawo bangalindi

ukuthi kuze kufike uNdunankulu azoxazulula izinkinga zabo.

Uqhube wathi kubuhlungu ukwazi ukuthi abantu abaningi abazazi izinhlelo ezinhle zahulumeni kanti abanye abanandaba nakancane nazo.



## UHULUMENI WAKWAZULU-NATAL UFISELA UKUBHALA OKUHLE KUBAFUNDI BEBANGA LEHUMI

### "INGANE YAMI EYAKHO, INGANE YAKHO EYAMI"

UHulumeni unxusa zonke izakhamuzi zakwaZulu-Natal ukuba zisekele abafundi abazobe bebhala izivivino zika Matric.

Asibumbane sakhe isiFundazwe esinozinzo nesiyisikhondlakhondla kwezomnotho nentuthuko. Imfundu iyona ukhiye ozosiyisa empumelelwani.

**"Ingane Yami eYakho, Ingane Yakho eYami"**



Uthishanhloko uNksz. Thembisile Ngubeni lapho ekhombisa UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mchunu kanye nosodolobha wokhandlu waso-uThukela uMhlonishwa Siphiwe Mazibuko bekhorjiswa isakhiwo sesikole iSidingulwazi Primary eTsakane. Isithombe: **THEMBA MNTYALI**



# LIKHULU ISASASA KUBATSHALI ZIMALI NGESITHEBE

SIYABONGA MAPHUMULO

**U**loku uqhubeke njalo nokuhlomula ngamathuba emsebenzi ahambisana nokutshalwa kwezimali izinkampani ezinkulu umphakathi waseMandeni. Muva nje ungqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uMnuz Sihle Zikalala wethule enye futhi intuthuko ebiza izigidi elethwe inkampani ekhiqiza okudliwayo nokokuzinakekela.

Le nkampani ebizwa ngeMinzhue Enterprise kulelisonto yethu imboni edle uR106-million laphaya ezimbonini zakwaSithebe nokuyinto esidale inqwaba yamathuba emsebenzi endaweni.

Ekhulumna emcimbini wokuvulwa ngokusemthethweni kwale mboni uNgqongqoshe uZikalala ukushayele elikhulu ihlome ukukhula kwesasasa ngendawo yakwaSithebe wathi kuhambisana nezinhlelo zikahulumeni wokusimamisa umnotho wendawo.

"Indawo yakwaSithebe ingezinye yezikulukazi ezingaphansi kwesifundazwe saKwaZulu-Natali egxile ekuheheni osomabhizinisi

ikakhulukazi abavela kwamanye amazwe ukuba bazotshala imali KwaZulu-Natali. Ukfika kwe-Minzhue Enterprises kulendawo kufakazela khona ukuthi impela isabambe ngakho ezinhlelweni zethu zokusebenzisa izimboni ukudala amathuba emsebenzi kanjalo nokuthuthukisa amakhono abantu bethu." UZikalala wathi yize izimboni zakwaSithebe zike zathi ukuthikamezeeka ngasekuqaleni kwalonyaka ngenxa yabathile abathungela ngomlilo izakhiwo baphinde bagcweleza nempahla, kepha uHulumeni wesifundazwe ngokubambisana noNgqongqoshe kazwelona wezokuHweba neziMboni uMnuz. Rob Davies wangenelela ngokushesha wahlala phansi nabatshali zimali wachaza kabanzi ngezinhlelo ezikhona zokulungisa umonakalo owadaleka kanjalo nokuthuthukisa nje amabhilidi akuleyandawo.

"Sikhulumna nje iMinzhue iqashe abantu abevile ekhulwini kanti isithembisile ukuthi ngokuhamba kwesikhathi lesibalo izimisele ukusengeza okungenani ngabantu abangamashumi amahlanu ngaphezulu. Kanti sezizonke nje



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala, ngesikhathi ethula intuthuko ebiza izigidi elethwe inkampani ekhiqiza okudliwayo nokokuzinakekela.

izimboni zalapha kwaSithebe ziqashe abantu abacela ezinkulungwaneni ezingamashumi amabili," washo kanje. Oyisikhulu esiphezulu kwi-Minzhue Enterprises uMnuz Minglai He wavumelana noZikalala wathi banezinye izinhlelo zokunweba leyandawo ngo 10 000 square meters ngaphezulu ukuze bakwazi ukwenyusa imikhqizo

yabo nokuyinto eyophinde idale amanye amathuba omsebenzi ebantwini bendawo. "Siyakuqonda ukubaluleka kokusebenzisana ngokubambisana phakathi kwethu njengemboni yangasese, uHulumeni kanjalo nemphakathi esisebenzisana nayo ikahulukazi ngoba iyona futhi ephinde ihlomule ngamathuba emsebenzi nokuthuthuka komnotho wendawo.

Asiqinisa idolo namazwi kangqongqoshe uZikalala okuthi izinkinga ezike zasusa umsindo kulendawo yakwaSithebe sesixazululiwe ngoba ukuthikamezeeka kwemikhqizo yethu kuyaye kusiphoe ukuthi sivale sihlalise abasebenzi emakhaya nokuyinto engeyinhle, washo ephetha.

## Kwethulwe omunye umzila wamabhanoyi eKing Shaka

SIYABONGA MAPHUMULO

Isikhumulo sezindiza esikhulukazi KwaZulu-Natali sesiphinde futhi sahlabana ngokuvulwa komzila omusha wamabhanoyi oxhumanisa elakuleki namanye amazwe akwizwekazi lase-Afrika.

Kungekuda la kuzobe sekucabalala izindiza ezipuma eNamibia kanye naseBotswana eKing Shaka International Airport.

Lokhu kulanlala ukwethulwa ngokusemthethweni kwemizila emibili esuka eGaborone kanye naseWindhoek iza kulesi sikhumulo sezindiza eThekwini.

Lezi zindaba ezimnandi ikakhulukazi kwizivakashi nosomabhizinisi zisho ukuthi iKing Shaka okuyisikhumulo sezindiza

esineminyaka eyisithupha kuphela savulwa isaqhube ka nokudonsa amehlo ezinkampani ezihlukene zamabhanoyi zomhlaba. Muva nje lesikhumulo sisanda kumemezela ukuthi sisalokhu sikhule njalo isibalo sabagibela bamabhanoyi abasisebenzisayo. Selokhu savulwa ngoMay 2010, sesitshengise ukudlondlobala kwezibalo zabantu okufinyelele ku-46% nonyaka. Kanti ukwethulwa kwalomzila omusha wamabhanoyi oxhumanisa iTheku namadolobha amabili okuyiGaborone eyinhloko dolobha yaseBotswana kanjalo neWindhoek eyinhloko dolobha yaseNamibia kusho ukuqina kwamaxhama ezokuhwebelana

kanjalo nezokuvakasha phakathi kwalamazwe omathathu. Lama bhanoyi azohamba kane ngesonto phakathi koMsombuloko, uLwesithathu, uLwesihlanu kanjalo nangeSonto. Lokhu kuphinde kusho ukwanda kwezibalo samadolobha akwizwekazi lase-Afrika abagibeli abasuka eKing Shaka asebengakwazi ukufinyelela kuwo njengoba sivele sesinayo imizila esuka lapha KwaZulu-Natali iya eMaputo kwelaseMozambique, iHarare kwelaseZimbabwe, iLusaka kwelaseZambia kanjalo naseMauritius nase-Addis Ababa kwelase-Ethiopia. Kuphinde futhi kubo neminye imizila eya emazweni aphesheyia

kwezilwandle afana noQatar ekwizwekazi lase-Asia kanye neTurkey egudle umngcele weYurophu nayo i-Asia. Ephawula ngokwethulwa komzila omusha ungqongqoshe wezokuThuthukisa kwezoMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uMnuz Sihle Zikalala uthe: "Lokhu kuphinde futhi kusho ukukhula kwezomnotho kanjalo nezokuvakasha ngoba abagibeli bamabhanoyi bathanda ukufinyelela kalula lapho abasuke beya khona, ngale kokuxhuma amabhanoyi amanangi endleleni kwazise lokhu kudla isikhathi kanye nemali."



UNgqongqoshe wezokuThuthukisa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala

## I-RBIDZ iyaqhube ka nokudala amathuba amisebenzi

CHOICE SIHYA

Indumezulu yomcimbi wokugubha iminyaka engu 90 iZululand chamber of Commerce yasungulwa. Kulomcimbi kuklonyelisa amabhizinisi ahlukahlukene abambe iqhaza ukudala amathuba emisebenzi.

I-Richards Bay Industrial Development Zone (RBIDZ) ikhiphe umklomelo ka R10 000 ogcinwe uwinwe yifemu yabamel i-Klopplers. UNgqongqoshe wezoMnotho, ezokuVakasha kanye neZemvelo ube nomhlangano nabaphathi base RBIDZ. Kulomhlangano uZikalala wethule umbiko ochaza kabanzi

ngegxathu uHulumeni wesifundazwe aselithathile ukudala amathuba emisebenzi.

Upinde wagxila kakhulu kwiphaza okufanele libanjwe yi-RBIDZ ukudala amathuba emisebenzi lapho okufanele kuqashwe khona umphakathi owakhele uMasipala iKing Cetshwayo Kanye namaphethelo.

Ngokusho kwasikhulu esiphezulu e-RBIDZ uMnuz Pumi Motoahae, abasebenzi bakuthakasele ukuhanjwelwa nguNgqongqoshe, ikakhulukazi ukuzibophezela kwakhe ukuvula iminyango eminingi ezokwenza kubo lula ukuhubeka nokuhela abatshali bezimali. "Fanele sikhumbule



UMongameli we Zululand Chamber uJudith Nzimande, uCEO we RBIDZ Pumi Motoahae Kanye no Andile Mtshali wefemu i-Klopplers

ukuthi Iwo owayenguNdunankulu uDkt Zweli Mkhize wahlaba isoyi ngomhlaka 9 May 2011. Lokhu

kwenza ukuthi izinhlelo zokwakhiwa kwe RBIDZ ziqale. Kuyathokozisa ukuthi sesikwazile

ukuthi sihehe abatshali bezimali asebefake imali engapehezu kuka R5 billion," kusho uMotsoahae, ephinda eveza ukuthi iRBIDZ isidale amathuba emisebeni angapehezu kuka 2000 selokhu kwaqala ukwakhiwa. Uncome kakhulu ukusebenzisana noNdunankulu wesifundazwe uWillies Mchunu, kanye neziMeyazomasipala i-King Cetshwayo uNonhle Mkhulisi kanye neMeya kaMasipala uMhlathuze uMduduzi Mhlongo. "Lokhu kusebenzisana okuhle kuzokwenza ukuthi siqhubeke nokuhela abatshali bezimali. Sifuna ukuthi kuleminyaka ezayo kutshalwe izigidigidi ezingaphezu kuka R12 billion lokhu okuzodala amathuba emisebenzi angu 20 000," kuphetha uMotsoahae

**"Siyakuqonda ukubaluleka kokusebenzisana ngokubambisana phakathi kwethu njengemboni yangasese, uHulumeni kanjalo nemphakathi esisebenzisana nayo "**

# LIKHUNJULWE NGEMISEBENZI EMIHLE IKHANSEL A LASEMNAMBITHI ELABULAWA NGESIKHATHI SOKHETHO

MINENHLE MNCWANGO

**U**Ngqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi esifundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, uwushayele ihlombe umphakathi waseMnambithi noMsamariya wawo olungileyo emkhandlwini i-Alfred Duma, esifundeni uThukela, ngokusungula izinkulisa ezine ezingakabhalisa ngokusemhethwensi kanye nenhlangano engenzi nzuzo.

Lokhu kuvele ngenkathi uNgqongqoshe uThusi ehambele lomkhandlu, phambilini obukade waziwa nge-Ladysmith\Indaka. Izindawo eziningi zalomkhandlu zisemakhaya. Unamawadi angu-36. Isibalo sezakhamizi sawo silinganisela ku-340 553. Ngenxa yokushoda kwezinkulisa, umphakathi uzitholele uMsamariya olungileyo owuxhasile ukuba usungule izinkulisa ezine ukuze abantwana bangahlali emakhaya. UNgqongqoshe uThusi uzinikeze izinsiza zokusebenza lezi zinkulisa,

okubalwa kuzona imibhede yokulala odado, izitulo namatafula, amathoyizi okudlala, izikhwama zosizo lokuqala kanye nezingubo zokulala. UNgqongqoshe uThusi kumjabulisile ukuthi kunosopolitiki wasekhaya owayaziwa ngoKhansela Khanyisile Ngobese-Sibisi, owashona esesungule inhlangano engenzi nzuzo esebenza ukupha abantulayo okuya ngasethunjini, eyaziwa nge-Community Nutrition Development Centre (CNDC). Kuzokhumbleka ukuthi leli qhawe lomphakathi, uKhansela Ngobese-Sibisi, wadutshulwa ngesikhathi sekusondele ukhetho enyangeni kaNcwaba. Nokho umsebenzi awuqala awuphelelanga emoyeni njengoba lenhlangano yakhe isize yanikezela ngokudla ukuze abantulayo bangalali bengadlile.

Ethula inkulomo yosuku enkundleni yezeMidlalo e-Accaciavale, uNgqongqoshe uThusi ugugquzele umphakathi obuphume ngobuningi bawo ukuba usike iphethini kubaholi

abasebenzela umphakathi njengo Khansela Ngobese-Sibisi, ongalindanga uhulumeni ukuba aze afike endaweni yakhe ngaphambi kokuba aqale umsebenzi omuhle noncomekayo kanje. Uthe: "Kumele umphakathi uziqalele izinhlelo ezizowusiza ungalindi uhulumeni ngoba nesimo sezimali asishle. Ngqongqozani ezinkampanini ezingakwazi ukusiza. Siyabonga ngokusukuma kwenu niqhubeke nomsebenzi owaqalwa iKhansela lakule wadi ngoba wayengazicabangeli yena yedwa, kepha wayebona ukuthi kunabantu abadinga ukusizwa."

UNgqongqoshe uThusi ube esedlulisela kubafundi abantu-40 umfaniswano wesikole kanye nokudla okuzodliwa iminden yabo entulayo inyanga yonke, washo futhi ukuthi zikhona izinhlelo ezizoqala emuva kwezinyanga ezintathu khona iminden yabo izokwazi ukuzimela. Uphinde wacacisela umphakathi ukuthi akukho ukwenzelela okube khona kodwa kunikezwe abafundi



Lapha kungeskathi uNgqongqoshe wezokuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, edulisela imfaniswano kwabanye babafundi.

abalundinga kakhulu usizo olufana nalolu. Uthe: "Abantwana abathola isibonelelo sezintandane akufanele bathole ukwelekelewa

ngamanyufomu kanye nalabo abathola isibonelelo kuhulumeni.

"Sithi umzali uma ebona isimo singaphezu kwamandla akhe akasondele eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi ezobika khona ezosizakala. "Esibanikezayo bayahlonzwa ngosonhlalakahle njengoba behambela emakhaya beyobona izimo zenhlalo bese siyangenelela

uma kunesidingo," kusho uNgqongqoshe uThusi.

UNgqongqoshe ubehambisana namalunga esiShayamthetho saKwaZulu-Natali, okubalwa kuwo uNkosikazi Lizzie Shabalala, uNkosikazi Ncamisile Nkwanyana, kanye noMnumzane Mdumiseni Dlomo, abangamalunga ekomidi IoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi. Bebekhona nobuholi basekhaya, okubalwa uMeya wase-Alfred Duma, uKhansela Vincent Madlala, kanye nePhini Iakhe, uKhansela Thulile Hadebe.

## Ukungahlali emhlanganweni edidiyela zonke izinhlaka kukhubaza uHulumeni ekuqondeni nasekulethweni kwezindingo zomphakathi

MINENHLE MNCWANGO

Ayiko enye indlela uHulumeni azokwazi ngayo izidingo zomphakathi ngaphandle kokuhlala emihlanganweni eyaziwa ngama-War Room, lapho zonke izinhlaka zikaHulumeni zisuke zihlangene khona. Lokhu kuvezwe uNgqongqoshe woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi kunohlelo Iwehhovisi likaNdunankulu lokuya emphakathini ukuyozwa izidingo nezikhalo zabantu, olwaziwa nge-Cabinet Operation Sukuma Sakhe, obelubanjelwe kumasipala i-Alfred Duma, phambilini obewaziwa ngeLadysmith\Indaka, esifundeni uThukela. UNgqongqoshe uThusi ubejutshwe emawadini amathathu, okungu-wadi 4, wadi 6 nowadi 8.

Lomkhandlu unamawadi angu-36 esewonke. Uqale wavakashela isikole samabanga aphansi, okuyiQinisa Primary School, eyasungulwa ngonyaka ka-1981, lapho efike wahlangana nothish' omkhulu, othisha kanye nesigungu esilawula isikole, i-School Governing Body. Lesi sikole sisemakhaya futhi sikhungethwe inkinga yokweswela amanzi, isibalo sezingane siyehla minyaka yonke ngenxa yabajali abathuthayo endaweni bebalekela izimpi zembango, nosekuholele ekutheni



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi (ophakathi nendawo), nobuholi bendawo, okungoKhansela Nomthandazo Thwala, uSotswebhu oMkhulu kumasipala i-Alfred Duma, uKhansela Themba Njapha, iNhloko yoMnyango wezeMidlalo nokuNgcebeleka, uNkosikazi Rohini Naidoo, kanye noKhansela Mkhipheni Mchunu, ngesikhathi behambela endaweni yakwaMfene.

Club ngenhlosa yokuvikela ogogo nomkhulu abasala ngabodwana emini ukuba bangahlukunyezwa yizinswelaboya. Lenhlangano engenzi nzuzo ayikalutholi kuHulumeni uxhaso, kodwa ithembele ekukhangezeni kubantu abangaba nosizo. Ephendula eminye yemibuzo, uNgqongqoshe uThusi unxuse ukuba umphakathi uyihamble imihlangano yomphakathi. Uthe:

"Siyasebenzisana singuHulumeni. Kubalulekile ukuhlala emihlanganweni yasemawadini ebizwa nge-War

Room, lapho kusuke kuhona yonke imiNyango. Ningalindi ukuthi kuyoze kufike uNgqongqoshe, kodwa asinivali ukuba nisibilele uma abasebenzi bakahulumeni benganiphethe kahle." Uphinde wedlulisela umfaniswano kubafundi abayisihlamu abafunda eQinisa Primary School, kanye nokudla abazokuthola izinyanga ezintathu.

Kukhona nabanye abebehlonziwe kwasho ukuthi ngonyaka ozayo kumele beyoqala imfundu yamabanga aphezulu, kodwa uNgqongqoshe uThusi utha balinde ukuba bathole izikole bese

benikezwa imfaniswano yalapho beya khona, kodwa ukudla bakutholile. Abesifazane bathole amathawula assetshenziswa asebefike ezinsukwini zabo.

Lapha uNgqongqoshe ubehambisana noSotswebhu womkhandlu wase-Alfred Duma, uKhansela Themba Njapha, uKhansela Mkhipheni Mchunu waku-wadi 8, uKhansela Nomsa Vilakazi, waku-wadi 6, kanye noKhansela Nomthandazo Thwala waku-wadi 4.

**"Siyasebenzisana singuHulumeni. Kubalulekile ukuhlala emihlanganweni yasemawadini ebizwa nge-War Room, lapho kusuke kuhona yonke imiNyango."**



# Bazothathelwa izinyathelo abadla imali yezintandane bangazinakekeli

**MINENHLE MNCWANGO**

Bazozithola bebekana nengalo yomthetho labo ababhalise njengabantu abahlala nezintandane kodwa behluleka ukuzinakelela ngendlela efanele.

UNggongqoshe wezokuThuthukisa koMphakathi esifundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ukusho lokhu ngesikhathi ehambele umphakathi wakwaFodo, eHarding, emkhandlwini

Umuziwabantu, esifundeni uGu, muva nje. Abantu abanangi e-Harding bahlala endaweni yasemakhaya lapho khona izinga lokwentuleka kwamathuba emisebenzi nobubha kusezingeni eliphezulu. UNggongqoshe uThusi uhlomulise abantwana abalinganiselwa ku-30 ngamanyufomu esikole kanye nokudla okuzodliwa iminden iikhathi esingangenyanga yonke, kanti bazokuthola izinyanya ezintathu. Abazali bezingane bazolulekwa ukuba bangaziphilisa

kanjani ngomuso. uNgqongqoshe ubuye wamemezela ukuthi uMnyango wezokuThuthukisa koMphakathi uzosebenzisana noMnyango wezoLimo kanye nokuThuthukisa kweMiphakathi yasemaKhaya, kunikeyelwe izimbewu khona bezolima ukuze baziphilise. Inyanga kaMfumfu inyanga eyaziwa njengeyoMnyango wezokuThuthukisa koMphakathi.

Kulonyaka uMnyango ugxit kakhulu ohlelweni lokuhambla izikole kubhekwe abantwana besikole abahlwempu, okudingeka balekelele njengoba uNgqongqoshe uThusi esanda kwethula umkhankaso obizwa nge-#SIBAHLESIYAZETHEMBA.

Ngesikhathi kune-Public Service Volunteer week enyangeni kaMandulo kwahanjewa izikole zamabanga aphezulu eziyishiyagalombili lapho kwahlonzwu khona abafundi abalinganiselwa ku-158 abadinga

ukulekelwa. Kulaba bantwana osonhlalakahle bathole ukuthi abangu-31 bayasithola isibonelelo, abangu-78 bathola isibonelelo sezintandane kanti abangu-49 abasitholi isibonelelo, kodwa iminyaka yabo iyabavumela.

Ethula inkulomo yakhe, uNgqongqoshe uThusi ucacisele umphakathi ukuthi uHulumeni usiza labo abahluphekile. Uthe:

"Singuhulumeni sizibophezele ekutakuleni imiphakathi ehluphekayo, ngakho-ke angeke sathula uma ngabe abantwana kanye nabazali babo behlangabezana nezimo ezingagcina ziholele ekulahleni ithemba ngekusasa labo. Kodwa senza uphenyo lokuthola inkinga eyenza ukuba bengasitholi isibonelelo njengoba iminyaka yabo iyabavumela ukusithola.

"Sizobathathela izinyathelo labo abasebenza imali yezintandane ezidingweni zabo banganakekeli abantwana njengoba sithole ukuthi



UNggongqoshe wezokuThuthukisa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, edlulisa imifaniswano Kanye nezinye izinsiza kubafundi eHarding.

abanangi babo abanayo

imifaniswano yezikole futhi nothisha bathwala kanzima ukubafundisa belambile," kusho uNgqongqoshe uThusi. Ukuika kukaNgqongqoshe uThusi kuphindre kwehlisa umthwalo kumfundu uSphelele Tibane, ongasenabazaliohlala Ochilweni, esizweni sakwaMachi, owenza uGrade11 eMdulashi High School, obethwele kanzima njengoba njalo ngoLwezihlanu kufanele ahame negezinyawo ibanga elide eyofuna umsebenzi emajalidini khona bezokwazi ukudla yena nomfowabo. Kanti nasesikoleni wenza kahle, naye uzihlomulele

ngenyufomu nokudla.

UNggongqoshe uThusi ubehambisana nobuholi bendawo, okubalwa kubona Inkosi yesizwe sakwaFodo, Inkosi Senzo Dlamini, Inkosi yesizwe sakwaMachi, Inkosi yesizwe sakwaJali, Inkosi yakwaFodo e-Harry Gwala, Inkosi Mgqigqelwa Dlamini, uSomlomo womkandlu wesiFunda uGu, uKhansela Ntombifikile Gumede, uMeya wase-Umuwiwabantu, uKhansela Dicksy Nciki, iPhini leMeya Umuziwabantu, uKhansela Nozipho Dzingwa, kanye noSomlomo uKhansela Mzwandile Nyathi.

## UKUDLA NGENDLELA EFANELE NOKUZIVOCAVOCA KUNGAWANCIPHISA AMATHUBA OKUNGENWA YISIFO SIKASHUKELA, KUXWAYISA UDKT SIBONGISENI DHLOMO

**U**Ngqongqoshe WezeMpilo KwaZulu-Natal, uDkt Sibongiseni Dhlomo, usenxuse amalungu omphakathi ukuba agade isifo esingumanyonyoba, nesibhuqabhuqa isizivu - isifo sikashukela. Ukusho lokhu nje, iNingizimu Afrika izobe isemkhanasweni wokuqwashisa ngalesi sifo ngosuku i-World Diabetes Day, mhlaka 14 kuLwezi.

Balinganiselwa ku-58 abantu abashona nsukuzonke ngenxa yesifo sikashukela, kanti uhhafu wabantu abaphethwe yiso abazi ukuthi banaso; futhi ababili kwabathathu abanalesi sifo babulawa yisifo senhliziyo noma isifo sohlangothi. Ngokusho kuka-Dkt Dhlomo, isifo sikashukela singaphatha noma ngubani noma yinini; kanti izingane eziningi ziba nesifo sikashukela zisencane ngenxa yempilo engeyinhle.

"Ukulda okuthengwa sekuphekiwe, ukungavocavoci umzimba, impilo esheshayo konke kusho ukuthi sinebhomo lesifo sikashukela elingaqhuma noma yinini emphakathini.

Isifo sikashukela sibangwa ukudla okungapezu kwalokho okudingwa yimizimba yethu – ikakhulukazi uhlolo olukhuphula amazinga kashukela emizimbeni yethu okuholela ekukhuluphaleni ngokweqile kanye nesifo sikashukela.

"Njegoba iningi labantu selihlala emadolobheni kanye nokuphila impilo enokhwantala (stress) sisebenza usuku lonke, ukudla okuthengwa sekuphekiwe kanye nokudla okuthengwa sekulungisiwe sekuphenduke indlela yokuphila.

Nakho lokhu kunomthelela esiveni sikashukela," usho kanje. Phakathi kwezimpawu zesifo sikaShukela kubalwa: Ukoma ngokweqile; Ukuya njalo endlini yangasese uyocharma; Ukwehla emzimbeni okungajwayelekile; Ukukhathala ngokwedlulele noma ukuphelela ngamandla; Ukubona luvindi; Ukunsonsotha kanye nokungabi namizwa ezandleni noma ezinyaweni.

Ukungenwa yizifo njalo noma kuphindelela;

Ukusikeka kanye nemihuzuko ethatha isikhathi ukuphola; Amathumba kanye nesikhumba esilumayo. Eghuba uDkt Dhlomo uthi: "Abantu abanangi abanohlolo Iwesibili Iwesifo sikashukela kungenzeka bangakhombisi zimpawu isikhathi eside. Yingakho kubalulekile ukuthi amalungu omphakathi azijwayeze ukuyohlelela izifo okungenani kanye ngonyaka.

Lokhu kusiza ngokuthi uma izifo zisheshe zatholakala, zisheshe zikwazi ukulawuleka."



Lapha uDkt Dhlomo noMama weSizwe uNksz Bongi Zuma noNksz Sithembile Mdluli, oqhamuka ophikweni Iwe-Healthy Lifestyles, eMnyangweni wezeMpilo, bathathwa bezivocavoca ngosuku lokuqwashisa ngesifo sikashukela. Isithombe: THEMBA MNGOMEZULU

Amaqiniso asheshayo ngesifo sikashukela:

Alikho ikhambi kodwa uma sesibonakele, ungakwazi ukusilawula futhi uvimbele izinkinga ezibangwa yiso uma uphila impilo enhle: Abantu abanesifo sikashukela basengozini yokupathwa yisifo senhliziyo, isifo sohlangothi kanye nezinkinga zamehlo, Yingakho kubalulekile ukuthi uhlolwe njalo emtholampilo

ushukela wakho kanye namanye amazinga empilo. Uhlolo Iwesifo sikashukela olungolwesi-2 yilona hlobo olujwayelele kakulu – Phakathi kwamaphesenti angama-80 kuya kwangama-90 abo bonke abantu abanesifo sikashukela banohlolo Iwesibili.

Lokhu kuchaza ukuthi banenkinga yokulawula amazinga kashukela emizimbeni yabo.

Sivikelwa Kanjani Isifo

Sikashukela? Kalula. Yidla ukudla okunempilo, ulawule isisindo sakho, uvocavoce umzimba, wehlise ukhwantala nokuthi ungabhemni, yizona zindlela ezibalulekile ongavimbela ngazo ukungen-wa yilesi sifo. Qala khona namhlanje.

Uzobukeka futhi uziwze ungcono.

**"Abantu abanangi abanohlolo Iwesibili Iwesifo sikashukela kungenzeka bangakhombisi zimpawu isikhathi eside. Yingakho kubalulekile ukuthi amalungu omphakathi azijwayeze ukuyohlelela izifo okungenani kanye ngonyaka."**

UNggongqoshe weZempilo uDkt Sibongiseni Dhlomo



# Kuxwayiswa umphakathi ngesifo sohlangothi

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal, uDkt Sibongiseni Dhlomo, usexwayise umphakathi ngobungozi besifo sohlangothi (stroke), waphinde wawukhumbuza ukuthi lesi sifo singagwemeka uma abantu bengayeka uphuza oludakayo, ukubhema ugwayi, badle ngendlela efanele bese beyazivocavoca.

Lesi sixwayiso sivelia nje, iNingizimu Afrika ibisemkhankasweni wokuqwashisa ngalesi sifo njengengxene ka-World Stroke Awareness Week, ngesonto eledlule. Ongoti bezempilo bathi isifo sohlangothi sinomthelela omkhulu ezibalweni zabantu abakhubazeekayo nabagcina beshonile, njengoba



sihlasela abesifazane abawu 9 kwabangu-100; kanye nabesilisa abawu-5 kwabawu-100. Isifo sohlangothi sidalwa wukuvalaka noma ukuqhuma kwemithambo ehambisa umoya (oxygen) engqondweni yomuntu,

okuyinto edala umonakalo. Akuzona zonke izinhlobo zesifo sohlangothi ezibulalayo, kodwa umuntu oke waphathwa wuhlangothi uba sengcupheni yokuthi luhindle lumhlasele. Phakathi kwabantu

abasengcupheni yokuhlaselwa wuhlangothi kubalwa abantu abanomlando walesi sifo emndenini, kanye nalabo abanesifo senhlizyo, ushukela (diabetes) nomfutho ophezulu (hypertension), abane-syphillis, HIV ne-TB.

UNGqongqoshe uDhlomo uthe: "Uphuza oludakayo nokubhema ugwayi nokuba nesisindo esiphezelu nakho kunomthelela. Kungakho sihlae sinxusa abantu ukuthi bayeyeke lemikhuba, nabangakwenzi bangabe besaqala. Enye into edala ukuvaleka kwalemithambo amafutha amanangi emzimbeni. Kungakho sihlae sigquqquzelu abantu ukuthi bazivocavoce ukuze bahlale besesimweni esihle

sempilo." *Phakathi kwezimpawu zokunyonyobelwa yisifo sohlangothi, singabala:*

- Ukuziza ubuthakathaka;
- Ukuba ndikindiki kobuso, ingalo noma umlenze ohlangothini lomzimba
- Ukungaboni kahle emehlwani;
- Ukungakwazi ukukhulumka kahle noma ukuzwa
- Ukungakwazi ukuma uqonde, kube sengathi unesiyezi;
- Ukuphathwa yikhanda;
- Ukuhlaselwa yisifo sohlangothi kudinga ukuthathwa njengesimo esiphuthumayo. Ngakho-ke abathintekayo kudinga baphuthunyiswe esikhungweni sezempilo.

# ZIQALE NGAPHANDLE KWEZIHIBE IZIVIVINYO ZEBANGA LESHUMI

## SIHLE MLOTSHWA

**Z**iqale ngaphandle kwezihibe izivivinyo zebanga leshumi KwaZulu-Natali. Lezivivinyo ziqale ngoMsombuluko zingu 24 ku October 2016, lapho kade kubhalwa khona izilimu ezincane ezifana no Hindu, Spanish, Italian, Tamil kanye nezinye. Iphepha ebelibhalwa cishe yibo bonke abantwana, le singisi, Iona libhalwe zingu 26 ku October 2016. Ngosuku lokubhalwa kwesingisi, uMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwane, ehambisana neNhloko yoMnyango, Dkt EV Nzama, bahambele izikole ezingaphansi kwesiFunda sase Pinetown. Bathi befiqa abafundi e Sivananda Technical High School, KwaMashu, uMphathiswa wabe esesemagecekeni, efuna ukuzibonela mathupha ukuthi luqala kanjani usuku lokubhalwa. Abafundi bakulesiskole babebonakala benokuzethembwa okumangalasayo, besho nokusho

ukuthi bazozohambela bodwa kuleliphepha. Ekhuluma nabafundi, uDlungwane wathi, "Sibone kusifanele ukuthi sishiye konke, sizokhombisa ukuneseka ngalolosuku olukhulu kangaka kini. Thina siwuMnyango senze konke ukuthi sineseke manje sekuyisikhathi senu ukuthi nenze umsembenzi. Sinifisela okuhle kodwa futhi siyethemba ukuthi nizokwenza isiFundzwe sakwaZulu-Natali siziqhene ngani." UMphathiswa wabe esehambela ezinye izikole kuso isiFunda sase Pinetown, okubalwa kuso I Nqabakazulu Comprehensive High School, I VN Naik School for the Deaf, I Newlands East Secondary, Greenbury High School kanye ne Phoenix Secondary School.

Ekhuluma nabafundi base VN Naik, okuyisikole sabafundi abangezwa ezindlebeni, uMphathiswa wabatshela ukuthi uyabeseka futhi uyabathanda.

"Kithi niyafana nabobonke abafundi, futhi seneseka futhi

sinithanda ngendlela efanayo," kubeka uMphathiswa.

UMpahthiswa ubuye wahambela izikole zakwisiFunda saseMgungudlovu okubalwa kuzo neMthoqotho High School e Sweetwaters, okuyisikole naye uMphathiswa owafunda kuso waze waphothula ibanga leshumi.

Ekhuluma eMthoqotho High School, uMphathiswa wathi ujabule kakhulu ukubuyela esikoleni abefunda kuso wabonga nothisha ababemufundisa ngokuzinikela kwabo. "Ukuma kwami la namhlanje nginguMphathiswa weZemfundo, kusho ukuthi ayiko into ongeke ube yiyo uma uzimisele futhi usebenza ngokuzikhandla.

Ubani owayengacabanga ukuthi umfana wasemakhaya angama lapha engamele izikole ezingapezu kwezinkulungwane eziyisithupha, izigidigidi zesabelo zimali, kanye nothisha abangaphezulu kuka 90 000," kubeka uMphathiswa. UMphathiswa wabe esenxusa



abafundi ukuthi baziphathe kakhe bahlukane nemikhuba engenanzozo. Wabuye wanikela ngopende kanye nama calculator kuso ilesikole. Ezinye izikole ezahanjelwa uMphathiswa

kwisiFunda saseMgungudlovu, kubalwa I KwaMpande High School, iZuzulwazi Secondary School, iSibanesihle High School kanye ne Mcongwanna High School.

# Kubanjwe umkhuleko wabafundi bebangla leshumi

## SIHLE MLOTSHWA

UMnynago weZemfundo KwaZulu-Natal, ubambisene, nehhovisi likaNdunankulu, uMasipala weTheku kanye nabafundisi bamabandla ahlukene, babambe ukhukhulelangoqo womkhuleko wokukhuleka abafundi abenza ibanga leshumi ukuthi baphumelele kwizivivinyo zika 2016.

Lomcimbi ububanjelwe e Curries Fountain Stadium, Etheqwini, ngoLwesihlanu zingu 21 ku October 2016. UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwane ubephezelwa uMphathiswa

uWeziwe Thusi (obemele uNdunankulu), iMeya yeTheku, uCllr Zandile Gumede, iNhloko yoMnyango, uDkt Enoch Nzama, izinyunyana zothisha kanye nenhangano yabafundi I COSAS. Imikhuleko, izinkulomo ezakhayo kanye nomculo, bekuhamba phambili, abafundisi abahlukene bededelana inkundla ngezintshumayelo ezinohlonze.

Umongameli we COSASA, u Zama Khanyase, wakhuthaza abafundi ngenkulumo yakhe enobuhlakan. "Sifuna ukuninxusa ukuthi noma seniqedile ukubhalwa

ningazensi izinto eziphambene njengokubala nokuklebhula inyufomu kanye nokungena ezidakamizweni," Obemele isigungu esiphezelu se SADTU, uXoli Msomi, waqqugquzelu abafundi wabakhuthaza nangendlela yokuziphatha.

"Silapha namhlanje ukuzokwenza into eyodwa vo, okuwukhuleka futhi sinike uNkulunkulu udumo ukuthi abe nathi ikakhulukazi kulesikhathi esibaluleke kangaka.

Ukuba khona kwenu kulomkhuleko kusimisa idolo ukuthi asisodwa emshikashikeni wethu

wokuthuthukisa abantwana bethu ngokuthi sibanike imfundu ezobakhulula emaketangeni okungazi kanye nobubha" kubeka uMphathiswa uMthandeni Dlungwane.

UMphathiswa ube esebonga abefundisi ngokuthi baphume ngobiningi babo bazokhulekela abafundi baKwaZulu-Natali.

"Ngithanda ukubonga nehhovisi likaNdunankulu kanye no Masipala weTheku ukuthi babambisane nathi kulomkhulelo. Ngithanda nokudlulisa izikotho ezinhle kubafundi bethu, futhi ngiyathemba

ukuthi sebezilungiselele futhi bazokwenza isiFundazwe saKwaZulu-Natali siziqhene ngabo," kuqhuba uMphathiswa.

UMphathiswa u Weziwe Thusi naye wahamba emazwini aDlungwane, ebonga abefundisi, ekhuluma ngokubaluleka komkhuleko futhi egquqquzelu abafundi ukuthi basebenze ngokuzikhandla futhi bahlukane nezinto ezingacekelo phansi ikusasa labo.

**Sifisela bonke abafundi, ikakhulukazi labo ababhala ibanga leshumi, okuhle kodwa kwizivivinyo zabo.**

**...Championing Quality Education - Creating and Securing a Brighter Future**



# KUGQAME UMUZWA WOKULAHLEKELWA NOKUBONGA KUTSHALWA INKOSI YAMACHUNU

VERNON MCHUNU

**A**kusona sonke isizwe saseMachunwini ngaphansi kukamasipala iMpofana esizithole sigqemeke engeqwa ntwalla ngokukhethama kwenkosi yesizwe, iNkosi uNduna Mchunu, Kepha izakhamizi zonke ngaphansi komasipala Iona zilahlekelwe kakhulu. Lawa ngamazwi amafuphi uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, achaze ngawo igebe elidalekile ngokukhethama kwenkosi uMchunu emhlabeni,

nokusehlo esivele kuyona lena ephezulu, ngokukhulu ukwethusa. "Inkosi yesizwe uMacingwane akazange abe nengalelo ekuthuthukisweni kwasizwe saMachunu kuphela. Kepha ube namava anqala kakhulu ekuthuthukisweni komphakathi wonkana ngaphansi komasipala iMooi Mpofana," kusho ungqongqoshe nobeshiyelana inkundla nezipathimandla zesifundazwe, kanye nongqongqoshe wezokuThuthukiswa kwezindawo zasemakhaya kanye nezomhlaba kuzwelone, umhlonishwa uGugile Nkwinti, ngosuku IwangeSonto

ngeledlule ngesikhathi kutshalwa inkosi. "Nangesikhathi umnyango wethu ngaphansi kukahulumeni wesifundazwe ungenelole kulomasipala waphatha amandla okubusa, inkosi yesizwe ikhombise ukuba neqhaza elikhulu ekuqiniseni amaxhama ezokuxhumana nokusebenzisana kwemiphakathi, izikhiwo zikamasipala kanye nohulumeni wesifundazwe," kuqhuba uDube-Ncube. UNgqongqoshe ube esehlaba ikhwelo lesifiso sokuthi kwande amakhosi azokukhuthalela ukuqinisa ukusebenzisana phakathi kwezakhiwo ezahlukene zikhulumeni kanye nezizwe



zingaphansi kwavo. "Sesenze okukhulu singuhulumeni ukuqinisa ukusebenzisana phakathi kwamakhosi namakhansela. Namanje siyahubeka siqinisekisa ukuthi akukho izimo lapho khona oyothola ikhansela

lingayihloniphi inkosi yesizwe. Ngakho-ke siyathokoza lapho sibona amakhosi akusukumelayo nawo ukwakha ubumbano emsebenzini wokuthuthukisa abantu bakithi," kusho uDube-Ncube.

## Amakhansela amasha nezinselelo ezintsha

VERNON MCHUNU

Njengoba amakhansela esedlulisiwe ohlelwemi lukahulumeni wesifundazwe lokuba afakte amatomu kulgiselelo ukuba abe sesimweni sokungenela umjaho wokuphuthumisa izidingo kubantu, manje sekuyisikhathi sokuba lababaholi abavotelwe ngabantu bakhwince imikhono kuqale kusetshenzwe. Leli yikhwelo elihlatshwa nqngqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, okunguyenam umnyango wakhe ohola izinhlelo zokuba amakhansela, ikakhulukazi lawo amasha, athole ukufundiseka mayelana nokusingatha umsebenzi wokuba yiso likahulumeni emsebenzini womasipala wokuletha intuthuko kubantu. Emakhanseleni angu 1846 akhona KwaZulu-Natali, amasha angu 1229 bese kuthi amadala nangaba nalo ulwazi lomsebenzi wona abalelw ku 617 kuphela. "Kusukela bonke omasipala bebunjiwe emveni kokukhethwa kwezimeya, osekela meya, osomlomo, osotshwebhu, njll, uMnyango uCogta ube ususingatha uhlelo lokuthatha libekwe ikhansela nekhansela mayelana nobunjalo bukahulumeni wasekhaya; ukusebenza komkhandlu; kanye nalokho ikhansela okumele likwazi mayelana nomsebenzi walo ukusuka nokuhlala (integrated councilor induction programme; councilor training; sector based councilor orientation workshop), kuchaza uDube-Ncube. UNgqongqoshe uveza nokuthi maduze nje amakomidi amawadi azobe esehlanganisiwe kubona bonke omasipala. "Nebala kusobala njengengemuva lexoxo

ukuthi amakhansela asekulungele ukuqala ukusebenza, ngakho-ke kunezinto ezisemqoka njengamanje okumele amakhansela ngale kokupholisa amaseko aqale azisukumele njengengxene yomsebenzi wawa wokuba yiso ekusebenzeni komasipala," kugcizelela uDube-Ncube. UNgqongqoshe ubalule wathi nansi eminye yaleyomisebenzi: Okuphuthumayo wukuba amakhansela aqinisekise ukuthi isitimela esiwumkandlu ngasophikweni lokwenziwa komsebenzi (Administration), liyaqhube ka linalo ikhanda lalo, nokungu Menenja kaMasipala (Municipal Manager).

Kuzokhumbuleka ukuthi izinkontileka zokusebenza zabanye oMenenja seziya ngasemaphethelweni, ngakho omeya kumele babheke ukuthi ziyavuselelwa noma kwensiwa uhlelo lokuqasha abasha – kuye ngesimo salowo nalowo masipala.

Lokhu kuthinta zonke izikhundla eziphezulu, nokungaba nanomgcinimafa (Chief Financial Officer). Futhi yisikhathi futhi lesi sokuba amakhansela ahlale phansi abhekisise, aphinde acubungulisez izinto eziuke zibalulwe ngumcwaningi mabhuku ngonyaka ofile, ukuthi lapho owayeshaye khona amakhala wathi kunuka santungwana, noma weluleka khona, babheke ukuthi lokho kwenzeke ngokulandela lwo myalelo ngempela. Inhoso yalokhu wukuthi kuqinisekiswe ukuthi abazuba bikho nogcobho mayelana nokusethenziswa kwemali kanye nokubika emabukwini.

Amakhansela mawakuhololisise ukusethenziswa kwezimali, nanokuthi wonke amabhku ami ngomumo yini ukuthi umcwaningi njengoba esezewahlola, akwazi ukubona ukuthi isabelo-mali somkhandlu sisetshenziswa

ngokuyikho yini nanokuthi bukhona bonke ubufakazi bokuthi leyo naleyo ndibilishi isetshenziswe ndlelani. "Asilindele neze ukuthi zithi zisuka nje amadaka, bese sithola omasipala bethu esifundazweni abasha, sebeba nogcobho abazokhonja ngumcwaningi mabhuku mayelana nokusethenziswa kwemali yabakhokhaintela kanye nokulethwa kwezidindo kubantu," kusho uDube-Ncube. Uhlelo lokubunjwa kwamakomidi amawadi labaluleke kakhulu. Amakomidi lawa yiwona azobe eyizithangami ezelalela izidingo zomphakathi nezinselelo ezikhona. Ngakho amakhansela amelwe wukuqinisekisa ukuthi imiphakathi iyazi ngokubaluleka kwalamakomidi, futhi abantu bayazi ukuthi kumele bayowaphakamisa nini amalungu alamakomidi, nanokuthi lamakomidi asebenza kanjani.

Umnyango uCogta uphezu komsebenzi wokuba kulekelele omasipala ukuba kufafazwe ulwazi ngalamakomidi kubona bonke omasipala esifundazweni.

Yisikhathi lesi sokuba amakhansela avumbulule lokhu okubizwa ngama IDP (Integrated Development Plans), nokusho usomqulu oyinlanganisela yezinhlelo zentuthuko kanye nokulethwa kwezidindo kulozo nalawo mkhandlu.

Kuzokhumbuleka ukuthi ama IDP asuke ebunjwe ngokuba kulalelw izidindo zabantu kulelo nalelo wadi, futhi kubhekwe ukuthi umasipala ngokwawa kanye nesabelo-mali sawo, yiziphi izinhlelo obuzihlelele ukuba zikwazi ukulekelela ukufezeleka lokho okufiswa ngabantu. Kubalulekile-ke ukuba amakhansela abuyekeze lama IDP, ukubheka ukuthi njengoba kade kuhankaswa nje, abantu beveza lokho okungabagculisi, bese-ke lemiqulu yenziwe

ihambisane nezidingo zemiphakathi, kanye-ke futhi nokuguquguquka kwezikhathi kanye nokubhekwa kwesimo senkece ngokwesabelo-mali.

Okunye okubaluleke kakhulu emsebenzini wezimeya namakhansela, wukuba aqinisekise ukuthi amakomidi wonke abhekellele ukusebenza kwezakhiwo ezihlukahlukene zomkhandlu, ayakhiwa ngokusemthethweni. Elinye lalamakomidi, nelibaluleke kakhulu yi Municipal Public Accounts Committee (MPAC), ngokuthi libheka ukuthi izimali zisebenza ngempela ukuletha intuthuko, nanokuthi akhona amabhku acacisa ngokusobala ngokusebenza kwemali.

Akuqinisekiswe ukuthi izikhulu kumasipala (officials) ziayiletha imibiko kulamakomidi, kuthi lapho kubonakala kuba nokuhosha izinyawo, kuthathwe izinyathelo zokuqondisa izigwegwe kulezozikhulu. "Uma ningayitholi imibiko ngokwenziwa komsebenzi, pho nina njengamakhansela nizowenza kanjani umsebenzi wokuba yiso lomphakathi onivotile?" kubuza uDube-Ncube ngokucizelela. Ngokomyalelo womthetho wokusethenziswa kwezimali komasipala (Municipal Finance Management Act), kulindeleke futhi ukuba njengamanje imeya ikakhulukazi iqalise umsebenzi wokulungiselela ukuhlanganiswa kwesabelo-mali esizokhishwa maphakathi nonyaka, sika 2017-2018. Akungapholiswa maseko. Akuqalwe manje, imeya ibambisane nomgcinimafa kanye noMenenja kaMasipala, kuqaliswe loluhlelo Iwesabelomali.

UNgqongqoshe uveza futhi nokuthi into ezokwelekelela amakhansela lawa ukwenza lomsebenzi, kuzoba wuqequeso olunzulu ekwenzeni lemisebenzi, wabe esechaza ngezinye zezinhlelo eziqhube kayo zokucijisa

lababaholi bemiphakathi ngolwazi lwalomsebenzi. "Kunohlelo lokuba amakhansela aqeqeshwe ngokwalowo nalowo mkhakha azobe ejutshwe ukusebenza ngaphansi kwavo. Ukwenza isibonele: Ikhansela elizofaka ekomidini lezezimali, lizoqeqeshwa ngokwezezimali; kanjalo nelizoba yiso kwezempiro, lithole ukucija ngokwezempiro, njll," usho kanje.

Uthi kukhona futhi uhlelo lokafundisa amakhansela ngokuhola nokuphatha ngendlela ehambisana nemithetho yezwe, ezingeni lohulumeni basekhaya.

Kanti kunezinye izinhlelo ezibhekene ngqo namakhansela esifazane, kwazise phela eziyene zezinselelo zibhekana nabaholi besifazane kuphela.

Amakhansela afundisa nangokusebenza nokusethenziswa kobuchwepeshe besimanje manje namakhompyutha, kubandakanya nokuthola ulwazi nge internet nokuxhumana ezinkundleni ngamaselula ukuze amakhansela ahlale eseduze nezinto ezenzakalayo emiphakathini.

Izakhiwo zikahulumeni eziyingxene yokunikeza amakhansela lolulwazi olwehlukahlukene, kubalwa abakwa Salga (South African Local Government Association); umnyango Iona wezokuBusa Ngokubambisana neZindaba Zomdabu; umnyango we International Relations and Cooperation, nozogxila ekucijeni amakhansela ngobudlelwano nokusebenzisana kwalelizwe nawangaphandle kanye nolwazi lokuhloniphana ngokwamazinga ezikhundla.

Kanti nesikole sikahulumeni esiqeqesha ngokusebenza kwamazinga kahulumeni, iNational School of Business, naso sizoba yingxene yokunikeza koqequeso.

**"Asilindele neze sithola omasipala bethu esifundazweni abasha, sebeba nogcobho abazokhonja ngumcwaningi mabhuku mayelana nokusethenziswa kwemali yabakhokhaintela kanye nokulethwa kwezidindo kubantu."**

UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube



# Amakomidi amawadi njengezinjini zenqola yentuthuko

VERNON MCHUNU

Kulindelele kuthi kuhela inyaka kaLwezi, izinhlelo zokuthuthukiswa kwemiphakathi ehlukahlkunene zibe sezihamba ngesivinini esithuthukile ukunangaphambilini. Lokhu phela kuzokwenzeka ngenxa yokuthi kuzothi kuhela lenyanga bonke omasipala basekhaya bebe sebenawo amakomidi ezingeni lalelo nalelo wadi, nokuyizona zakhiwo ezinamandla nanethuba lokulalela izinselelo zentuthuko bese kuba lula ukuba zisetshezwe komasipala kusonjululwe nezingqinamba ezingahle zibekhona. Umnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu esifundazweni, kumanje uphezu kwezinhllelo zokusingatha ukukhethwa kamakomidi amawadi ngaphansi kwabona bonke omasipala esifundazweni.

"Sizibophezele ekuthenini kuthi kuhela inyanga uLwezi, sibe sesinawo amakomidi amawadi kubona bonke omasipala bethu KwaZulu-Natali. Siyakholelwu wukuthi lamakomidi yiwona anamandla kanye nethuba elihle ukuba asebenze izinselelo ezbibekhe imiphakathi yakithi, kubandakanywe nama War Room ngaphansi kohlelo IukaSukuma Sakhe, ukuze kushe ukulethwa kwezidingo, yizinsiza kanye nethuthuko kubantu bakithi," uchaze kanje uNgqongqoshe womnyango uMhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ngesikhathi kuqhubecka uhlelo lomnyango lokuxhasa omasipala ukuba kwakhiwe lamakomidi amawadi. "Umthethosisekelo

waseNingizimu Afrika, uMthetho ongunombolo 108 oshicilelwne ngonyaka ka 1996, Isigaba 152 (1) (e) uyalela omasipala ukuba bakhuthaze ukubandakanya kwemiphakathi kanye nezinhlangano zomphakathi kwisakhwi sohulumeni basekhaya," kuqhuba yena.

"Kanti kusukela kulokhu, nomthetho olawula ukusebenza komasipala, obizwa nge Local Government: Municipal Systems Act, ongunombolo 32 oshicilelwne ngonyaka ka 2000, Isigaba 16 (1), ukhomba ukuba omasipala baqhamuke nendlela yokukhuthaza isikompilo lokuba kube nendlela yokupaththa komasipala elihambisanayo nezakhwi zikahulumeni ezesimthethweni, kuhuthazwe nokubandakanya kwemiphakathi ekubensi. Kanti khonamanjalo, umthetho osingethe ubukhona bezakhwi zomasipala, nowaziwa nge Local Government Municipal Structures Act, 117 ka 1998, isigaba 72-78, wona uyalela ngokwakhiwa kwamakomidi ezingeni lamawadi, njengento esemthethweni yokumelela umphakathi kuhulumeni wasekhaya ukuze kuhuthazwe ukubandakanya kwabantu kuhulumeni." UDube-Ncube uchaze ukuthi ngaleyondlela-ke, bonke omasipala esifundazweni banomthwalo wokuba babe sebelusingathile uhlelo lokwakhiwa kwamakomidi amawadi zingakapheli izinsuku ezingama 90 kusukela kuhlale umhlangano wokuqala kamasipala omusha

kulandela ukhetho (njengoba kade kuhethwa nje ngomhla zintathu enyangeni kaNcwaba nonyaka). Uthe indlela-ke yokubumba lamakomidi kumele cube yileyo ehambisana nomthetho olawula izakhwi zomasipala (Municipal Structures Act). Kumele kuqinisekiswe ukuthi abantu besifazane bamelelekile ekomidini, nanokuthi ikomidi likhombise ukumeleka kwezingxene zonke zomphakathi. Ngokulandela okungumsebenzi wawa ngokomthethosisekelo kanye nemithetho enxantele lapho, umnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu esifundazweni umatasu uxhasa omasipala ukuba bakwazi ukuphothula lomsebenzi ngokuyikho, ngalezindlela ezilandelayo:

- Ukuqinisekisa ukuthi izinqubo-mgomo zisemthethweni mayelana nokwakhiwa kwamakomidi amawadi;
- Ukubhalisa zonke izakhwi ezmelwe wukuba yingxene yohetho lamalungu amakomidi lawa;
- Ukuhlanganiswa kwezinhllelo zokuhetha komasipala (nokubandakanya izinsuku zokhetho kanye nezikhungo);
- Ukusabalalisa ulwazi emphakathini mayelana nalolukhetho; Ngokwemigomo kahulumeni wesifundazwe mayelana nezinketho zamakomidi amawadi, ukuze umuntu akwazi ukukhethika njengelungu lekomidi yewadi, kuyomele lovo akwazi

ukubonakala ehambisana nalemigomo ngalendlela:

- Akube ngumuntu obhalise njengomuvoti kuleyo Wadi;
- Akumele cube ngumuntu oqashwe njengomsebenzi kulowomasipala iwadi ekhethwa khona, nokungaba yi Metro noma yiSifunda noma nguMasipala wasekhaya;

- Akumele cube ngumuntu onesikwenetu sokulethwa kwezidingo, esesibekhona ngaphezu kwezinyanga ezintathu kulowomasipala;
- Akumele cube ngumuntu oseke watholwa enecala, wagwetshwa kodwa engenalo ithuba lokuba angakhokha inhlawulo yalelocala elinesigwebo esingaphezu kwezinyanga ezingu 12;
- Akungabi ngumuntu osesimweni sokusala dengwane (insolvent);
- Akungabi yilovo osegcinelwe ngokomthetho amafa akhe njengesahluleki;
- Akube ngumuntu okhuthele emukhakheni othize;
- Akube phela ngumuntu ophilile ngokomqondo;

Umyango usubumbe ikomidi elizingathala izinketho zonke zamakomidi amawadi ezingeni lesifundzwe. Phezu kwalokho, sekwakhiwe amathimba ezingeni laazona zonke izifunda, ukuze kunikezwe uxhaso lokusingatha lolukhetho ezingeni lezifundamispala. Omasipala bakhuthazwa ukuba bahloniphe lezizikhathi ukuze uhlelo ionke lkwazi ukuphothuleka ngesikhathi sezsinsku ezinge kwezingu 90 kusukela kube nokhetho

lohulumeni basekhaya.

**Umsebenzi**  
Ukubuyekeza inqubo-mgomo kanye nokuyethula  
**Wenziwa nini?**  
Ncwaba – Mandulo 2016  
**Umsebenzi**  
Ukusatshalalisa kolwazi  
**Wenziwa nini?**  
uMandulo - Mfumfu 2016  
**Umsebenzi**  
Ukhetho  
**Wenziwa nini?**  
Mandulo - Lwezi 2016  
Imihlangano yokuqala yemikhandlu iqale ukuhlala kusukela emasontweni amathathu kuNcwaba, kanti kuze kubemane usewodwa vo umkhandlu osasilelekuhlaleni komhlangano wokuqala. Kulandela Ieyomihlangano, umnyango uCogta usubambe imihlangano-nsebenzo namakhansela amasha mayelana nalezinketho, nokube sekuholela ekuthenini omasipala bethule izinqubo-mgomo zokhetho nanokuthi kuzosetshenzwa ndlelani, ngokusemthethweni.

Umyango njengamanje uphezu komsebenzi wokulekelela omasipala ukuba kusingatheeke ngendlela lezinketho, kanti imiphakathi iyakhuthazwa kanye nezinhlangano zemiphakathi ukuba bazibandakanye ngokuthi bavotela futhi bakhuthaze ukuvotelwa kwalawomalungu omphakathi ayosebenzela ukuthuthukiswa kwabantu.

## ITHUBA LOKWETHULA UCWANINGO KWABAGXILE EMKHAKHENI WEZOLIMO

SIMPHIWE NDWANDWE

Umsebenzi wokwaluleka ungumgogodla womNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya kanti futhi udlala indima enkulukwulisaneni nendlala.

UmNyango usukhombise ngokusobala ukuzibophezele kwavo ekuthuthukiseni abeluleki ngolwazi Iwakamuva nolwazi oludingeka embonini yeziolimo kuleminyaka yokwanda kobuchwepheshe. Muva nje kubemnhlangano ekolishi lezolimo i-Owen Sithole, eMpangeni, lapho bekubuthelene abeluleki bomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya njengalokhu bekuzolalelwu ukwethulwa kwemiphumela yocwaningo olwazi mayelana nemikhiqizo eyehlukene etholakala esifundazweni. UMnu Theo van Rooyen, ibambelaMqondisi Jikelele kwezolimo emNyangweni, uthe ukulelwa kwalezi zinkundla zokwethula ucwaningo kwensiwe ngenhlosu yokugqquqzela ukuthi abasebenzi kanye nalabo abathola ukwesekwa umNyango bakhuthalele ukucwaninga ukuze kuthuthukiswe umkhakha wezolimo ngolwazi oluhololiwe. Bayisithupha abathule imiphumela yocwaningo abalwenzile kulumhlangano.

Kulomhlangano bazuze luhulu abebalele njengoba kwensiwe

izithulo ngabakade benza ucwaningo, abebecwaninga ngomkhiqizo kabhanana, ubhatata, ukulelwa kwamadlelo ezinkomo, ukugcina kokudla nokukhulisa kwemikhqizo kamoba.

UPhumelele Jele obethula imiphumela yocwaningo olumayelana nemikhiqizo kabhanana uthathe amehlo ngendlela abeluhlele ngayo ucwaningo nangolwazi alukhombisile ngalo mkhakha.

Kukhombisile ukuthi muningi umsebenzi awenzile ngaphamabi kokwethula lolu cwaningo INingizimu Afrika ilele endaweni yamashumi amathathu emazweni akhiqiza ubhanana njengalokhu izwe elihamba phambili kungelaseNdiya, E-Afrika eseNingizimu, i-Mozambique iyona eziola phambili ngomkhiqizo futhi kuvelile ukuthi ubhanana omningi osetshenziswa kuleli lizwe uqhamuka khona.

UNksz Lungile Nzuza, ongumeluleki wezolimo eZululand yena wethule ucwaningo alwenzile mayelana nemikhiqizo kabhatata.

Olkhe ucwaningo belubheka izindawo eziungele ukutshalwa kwezinhlobo ezahlukene zikabhatata esifundeni iZululand. Bezhlukaniswe kane izinhlobo zikabhatata obekwenziva ngazo ucwaningo. Ucwaningo luveze ukuthi iKZN iyindawo enhle yokuba



kutshalwe ubhatata nakuba kunezinhlobo ezithile eziokolayo ngoba aziqhumisi ngendlela elindelele. U-Van Rooyen uthe lokhu kugqquqzela ukuba kwakhiwe ukuzimisela ngomsebenzi kubasebenzi abasiza imiphakathi ngezolimo.

Uthe ukwethulwa kwemiphumela yocwaningo kuvuleleku wonke umuntu onesifiso sokuba nomnikelo. Ikomidi eliphenya ngabantu okumele bethule ucwaningo yilona elinikezwe umsebenzi wokukhetha labo okuthe uma kubukwa umsebenzi wabo ikomidi lahlabea umxhwele. Uthe isifiso sabo manje ngesokuba

lokhu kwenzeke minyaka yonke.

"Sihlaba umkhosi kubo bonke abasebenzi bomNyango nalabo abamatasa ngocwaningo ezifundweni abazenzayo eNyuvesi ukuba bathathe leli thuba ukuba kwethulele umNyango ngalokho abakucwaningayo," kusho uVan Rooyen. Okwamanje uthe banika ithuba abantu abangevile kwabasishiyagalombili, kanti futhi babheke ukuba lokuhlangana kanje kuzolalelwu izithulo kwenzeke okungenganani kabili ngonyaka.

UmNyango eminyakeni embili kuya kwemithathu edlule ukugcizelile kakhulu ukuthi ezolimo ziwumsebenzi ojulile

odinga njalo ukuthuthukiswa ngolwazi Iwakamuva.

Ukulula isimemo komNyango kulabo abenza ezolimo njengoba nabafundi abacwaningayo bevumelikile kusho ukukhula kobudlelwano endimeni nasezinhlakeni ezithintekayo kwezolimo ukuze kuqhubeke nokucobelela ngokucobelela ngolwazi oludingekayo.

Izithangami ezinjengalezi ezikhombisa ukuzimisela komNyango ukucobelela ulwazi kubasebenzi ukuze kutholakale imiphumela ezokwenza ezolimo zibengcono esifundazweni.

# UNGQONGQOSHE WEZOBUCIKO NAMASIKO UNIKE ABANTU BASE DRIEFONTEIN INDLEBE NETHEMBA

STHEMBISO SHANGASE

**U**mphakathi waku ward 17 eMathondwane eDriefonteni ngaphansi kukamasipala wendawo iAlfred Duma oThukela ngase Mnambithi uthole ithuba lokunekela uNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko usizi Iwalo.

UNgqongqoshe uNkk Bongiwe Sithole-Moloi utheleke kulendawo ebukeka ihwabhekile yisomiso kanye nenhlupheko ezozhuba imisebenzi kaSukuma Sakhe.

Ufikele esikoleni samabanga aphansi iSinenhlanla lapho ethole ukuthi lesikole sikukhuthale ukunika izingane ithuba lokubamba iqhaza kwezemidlalo nengoma.

UMnuz Khangelani Mlotshwa onguthisha omkhulu walesikole esisendaweni ephethwe yinkosi yesifazane uMama Thandekile Khumalo uchazele uNgqongqoshe engempumelelo yabafundi bakhe abahamba baze bayofika ezingeni likazwelonek yize bengenazo izinsiza ezifanele njengenkundla yezemidlalo nokunye.

UMnuz Mlotshwa uvezele uMaSithole-Moloi ukuthi izingane ezifunda kulesisikole zingaphezu kwama 350 kanti othisha bazo sekubala nomabhalane besikole bayi 17.

"Siyisikole esiphumelelayo Ngqongqoshe yize kusiphatha kabi ukuthi uma izingane zethu sesidulela ezikoleni ezinamabanga athe xaxa, zifike zingabe zisakuthola ukuqhube ka nezemidlalo kanye nokushaya ingoma", kuchaza umnuz Mlotshwa. Izingane zaseSnenhlanla zinandise ngoma kwachazeka uNgqongqoshe neNkosi yendawo. UNgqongqoshe uMaSithole-Moloi wehluleke ukuzibamba waze wakikiza maqede wazipha impahla yokugqoka yezemidlalo kanye namabhola. "Kuyewzakala thish'omkhulu Mlotshwa ukuthi izingane zakho azinayo indawo yokudlalela kuyacaca nokuthi kwalempahla esiyilethile angeke isebenziseke kahle, ngalokho ngyawubophezela umnyango wami ukuthi kuzothi kuphela Ionyaka sibe sesiyihlelle inkundla yokudlala la ngaphakathi ukuze izingane zikwazi ukudlala ibhola lomnqakiswano nelezinyawo" kusho ungqongqoshe. Emva kwalokho kuge sekula isithangami sokubika ngokusebenza kwe-War Room yaku ward 17 ngaphansi kuka khansela uTholakele Xaba.

Umgquqguzeli we-War Room uMnuz uThabani Magudulela uthule umbiko obhalwe phansi onezibalo ezikhombisa ukuthi uyasha umsebenzi akudlalwa.

Kodwa ungqongqoshe uMaSithole-Moloi uzwakalise ukuthi akukholw angokugcwela umbiko ngoba uthi kunezhahlala eziyi100 ezitshalwe kuzozonke izikole kodwa kulesikole akaboni ngisho esisodwa. Okunye ukuthi isikole iShenhanhla esiphinde sibe yisizinda seWar Room sipheshukelwe wuphahla kwamanye amagumbi kodwa lutho ukuzwa ukuthi kuzolungisw anini ngaphandle kokuthi uthish'omkhulu uMlotshwa ukuvezile ukuthi sebefikile abahloli bomanakalo owadalw ayisiphetho esinamandla. UNgqongqoshe udlulele ewolo lomphakathi waseMathundwaneni lapho amukele khona izikhalo zomphakathi eziningi. Phakathi kwezikhalo kuhona nokuthi indlala imadlayibunu kulendawo ngoba intsha eningi ayisebenzi, amanzi awekho emagcekeni kanti ompompi bomphakathi bayafa, ubunswelaboya nabo abuwunike thuba lomphakathi, ukuqashwa kwabantu bangaphandle uma kwenzeka kuvela amatoho anjengo



UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

zibambeleni kanye nokungabkhona kwezikole zamabanga aphakene nemitholampilo kulendawo.

Kuvele nokuthi kunomtholampilo osulindwe iminyaka engaphezu kweshumi ukuthi uqale ukwakhwa emva kokuhlatshw akwesoyi kodwa lutho kuze kuge manje. Izangi lalezikhalo azivelanga embikweni othulwe uMnuz Magudulela ngoba uze washo nokuthi ezempilo zisayibambe ngakho ngoba kunohlelo Iwakhona okuthi uphilamntana olusiza umphakathi. UNgqongqoshe ube usondele.

esenika amaqqembu ebhola asemphakathini ayisikhombisa izinto zokudlala okubala amajezi amabholo ngisho nezimpempe imbalu wabuye wanika inhlangu yomphakathi ethungayo imishini kanokusho emisha ceke waphinda wapha inkulisa yendawo amathoyizi ezingane. Emva kokuchazela umphakathi ngohlelo IukaSukuma Sakhe, uNgqongqoshe uSithole-Moloi ube esethembisa ukuthi izikhalo uzozinika iminyango ethintekayo kanti nomasipala kuzodingeka usondele.

## UNgqongqoshe uSithole-Moloi uthi makuqale ngaphakathi ukubambisana nozwano

TALENT BUTHELEZI NOSTHEMBISO SHANGASE

Isiya ngasekuphuthulweni inhhlobo yomhlahlandlela omusha wonyawo osekuzoshaywa ngalo emnyangweni Wezobuciko Namasko KwaZulu-Natali emva komzunguze owenzive isifundazwe sonke. Ukuambisana, umoya wozwano nengqala sizinda akusalanga ngaphandle kulemibuthano yokubonisana.

UNgqongqoshe walomnyango uNkk Bongiwe Sithole-Moloi ukhiphe izikhulu eziphezulu emnyangweni wakhe ukuthi ziguduze sonke isifundazwe ukuze zizwe uvo Iwabathintekayo ekulweni nemibulalazwe ebhoke kulesiFundazwe. Phakathi kwabamenyiwe beyingxene yalenhlobo kubala ngisho abamele imboni yezobuciko nezenkolo yesintu. Isikhulu esiphetho ophikweni Iwezomkhombandlela u Dkt Thobile Sifunda yisona esithule zumbiko okhombisa ukusebenza komnyango, lapho wenza kahle khona nalapho ungenzanga kahle khona. Lomhlangano wokuhlelela iminyaka emithathu ezayo ububuye wehlukanise abawuthamedle amaqembu amathathu abeddingida izihloko ezahlukene. Phakathi

uDkt Sifunda. "Uma uya KwaMhlabyalingana uthola ukuthola imisebenzi yezandla eyenziwe ngelala notshani okuvunisa ukuthi loluhlobo lotshani luxhaphakele kuleyandawo", kusaqhuba yena belu uDkt Sifunda. Uthi ngaleyondlela kufanele ukuthi abantu basizwe belapho bekhone ukuze kuthuthuke imisebenzi yabo ngaphandle kokuthi bafundiswe izinto ezintsha. Kubuye kwabhungwa nangamalungelo omhlaba ezindaweni zasemakhaya njengoba ubuholi bomdabu kanye nezinduna zinamagunya amakhulu emhlabeni nokwenza kuge nzima ukuthi intuthuko ingene ngaphandle kokubambisana nabo.

Okunye okuphakanyiswe kulemihlangano ukuthi iminyango kahulumeni ipheze ukusebenza sakuncintisana noma okuquhdelana yodwa igcine seyenxa imisebenzi nezinto ezifanayo endaweni efanayo ngenxa yeqqabho lokuziqhayisa.

Uhlelo oluwmukhombandlela wesifundazwe luphethe ngokuthi unqongqoshe uMaSithole-Moloi abize zonke izikhulu zomnyango ukuthi babhunge ngezinto abazihabule kuloluchungechunge lomjikelezo wezifunda. Ngaphambi



UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

kokuthi izikhulu zethule imibiko yeminxa eziyimele, uMaSithole Moloi umemezele ukuthi uLwesine sekuzoba wusuku Iwamasiko njengoba uLwesihlanu kuwusuku Iwezemidlalo. "Uma ngithi sesithathe isinqumo sokuthi njalo ngoLwesine sigubhe amasiko ethu ahlukahluke angikhulumi ngokuggqoka kuphela kodwa ngisho nokudla esikudlayo kufanele kuge wuhlobo olusikhumbuza ukuthi singobani thina", kusho

uNgqongqoshe. Uthi phezu Iwalokhu kufanele kuge nezithangami njalo ngoLwesine lapho kusuke kubhungwa khona ngamasiko ukuthi sazane kangcono futhi sizithole. Ube esekhala nangokuhleleki kahle kwengqala sizinda othola ukuthi amahholo omphakathi akhiwa kude nemiphakathi. "Umphakathi ugcina usuphoqeka ukuhamba amabanga amade uma uyosebeniza ihhole ngezizathu ezelukene okuba imingcwabo noma imishado nokuyinto okungafanele ukuthi yenzeke", kusho uNgqongqoshe.

Uqhuba athi nezisebenzi zikahulumeni mazipheze ukuzithwala ngokuthi uma kwenzekile abantu basemphakathini bathola izinombolo zabo, bawukhace bawutshela ukuthi abasebenzi ngalezozinto ezsuke zibuzwa umphakathi abanye baze bawuthethise umphakathi besho nokuthi izingcingo zabo akuzona ezomsebenzi. Nodaba lokutshala umoya wozwano obeluvelle Iuseqluhwini kulomjikelezo wezithangami zomkhombandlela akalushiyanga ngaphandle unqongqoshe uMaSithole-Moloi njengoba exwayise izikhulu zomnyango ukuthi ngeke ziphumelele kalula ukulufezekisa uma kwazo zizodwa zingahoshelani.

**"Uma ngithi sesithathe isinqumo sokuthi njalo ngoLwesine sigubhe amasiko ethu ahlukahluke angikhulumi ngokuggqoka kuphela kodwa ngisho nokudla esikudlayo kufanele kuge wuhlobo olusikhumbuza ukuthi singobani thina"**

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi



# KUGIJIME OGANDAGANDA KWETHULWA IZINHLELO ZENTWASAHLOBO

PHUMZANI NDLANGAMANDLA no LONDIWE NGIDI

Ukubuthana kwamafu nokubuya kwezinkonjane phesheya kwezilwandle kungumyalelelo kubalimi ukuthi wonke amathuluzi okusebenza mawame ngomumo ngoba izimvula ezikhomba ukuthwasa kwehlobo sezisemome, abalimi abame ngomumo, igeja esandleni. Bekushunqa uthuli uNqgongqoshe wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali uMnumzane uThemba Mthembu ezibambele mathupha omunye wawa gandaganda obasha ceke abashiywe ezinhlanganweni zezolimo eDumbe, ekleklebula inhlabathi kuphakama amasoyi, ekhombisa ukuthi sekuyisikhathi sokulima. Wonke umphakathi nabalimi baseDumbe bazibonele ukthi yiso lesi isikhathi sokubuyela emasimini kuyosetshenzwa umhlaba. Kuphonse ke inselelo ukuthi labo abazimisele ngokusebenza, nawu owezoLimo uzobasiza bese labo abavilaphayo bahlale emakhaya kodwa usizo selulethiwe emphakathini. Lomyalezo udlule ngesikhathi umNyango wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya uzukwethula ngosemnthethweni uhlelo Iwalo Iwaminyaka yonke yokwethwasa kweHlobo. Njengoba isiFundazwe sisazipholisa amanxeba emva



UNgongqoshe wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya uMnz Themba Mthembu ezibambele mathupha omunye wogandaganda abawu 11 abethulwe emphakathi waseDumbe emcimbini wokubungaza ukwethuswa kweHlobo

kwasomiso esishaye kwakkala yonke indawo, komile nasemasimini. Idumbe ingenye yezindawo ezingasalanga ngaphandle yaba izisulu zalesismo. Ngokwezibalo zeWorld Food Organization, kuvela ukuthi bangaphezulu kwezigidi eziyisishiyagalombili umhlaba wonke abantu abantula ukudla, bese kuthi babe ngaphezulu kwezinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu abantu abashonayo usuku nosuku ngengxa yezifo ezhlobene nendlala. Lezizibalo ziyathusa, kanti futhi ziayithinta indawo yaseDumbe kanye nesiFundazwe sonke. UmNyango angeke uhlale

usonge izindla ubuke abantu bebhuvwa yndlala, yingakho uhleze usebenzela ukuqhamuka namasu amsha okwenza ngcono izimpilo zemiphakathi ngezolimo, okwenzeke eDumbe kuwubafakazi bemizamo yomNyango. UMnu uThemba Mthembu njengomholi wezoLimo kulesisiFundazwe ukuthaze ukubuyela kwabantu emasimini ngoba ukudla kutholakala emhlabathini. Uphinde wakhumbuza umphakathi ngempilo nomsoco otholakala ekudleni okutholakala ezivandeni, kunokudla okudliwa sekufakwe wonke amakhemikheli okukugcina kuhilile. Uze wabalula nokuthi

lokho kudla kusuke sekunesikhathi kanti nomsoco usuke usunciphile. Izinkumbi zabantu ezinkundleni oPhuzane zikujabulele ukuzwa ukuthi noma umNyango usuhamba ngelinye igiya ekusebenzi kodwa ngeke ziphazamiseke izinhlelo ezikhona, kepha kusalokhu zizokwenziwa zibengcono ukuze kusizakale imiphakathi ngezidingo kwezolimo. Lokho kuchaza ukuzibophezelu komNyango emsebenzini wawa wokujinsekisa ukubakhona kokudla emakhaya, ukuze kwehle izinga labantu abalala bengenaltho esiswini.

UNgongqoshe uthe kwezinye zeinhlelo ezintsha ekusetshenzela phezu kwazo-ukugquqquzelabantu ekutshaleni unyaka wonke, kushintshaniswe izitshalo kuye ngokuthi iziphi ezipuma ngasiphi isikhathi sonyaka, kuphinde kutshalwe nezihlahla zezithelo. "Asize nje kuphela ukuzothi phezu komkhono! kodwa sifisa ukuniqinisekisa ngezinhllelo ezintsha esesisebenza ngazo nokungezukusichezula kulezo ezikhona zesifundazwe nezika zwelonke". Ube esenxenxa umphakathi ukuba ubeyihlo lempahla kahulumeni ukuze uzosizakala ngazo. "UHulumeni ufaka izigidi zezimali ukuze kusizakale imiphakathi kepha ngenxa yezigilamkhuba

ezingayifuni intuthuko kutholakale sekuma imisebenzi obekuhloswe ngayo ukulwiana nobubha. Lokhu kusibuyisela emuva, bikani iziphelamthetho ezicekela phansi imizamo yentuthuko "kuxwayisa uMthembu. Inhloso ngqangi emsebenzini womNyango ukuba wonke umuntu kulesisiFundazwe abenokudla okwanele ukondla yena nomndeni wakhe, kepha indlela umNyango izinga osukhuphukele kulona ukhombisa ngokusobala ukuthi ufunabakulesisiFundazwe bazihlele basebenzele nokwenza inzuzu ngemikhijizo yabo. Izinhlelo ezifana nokukhishwa kwawo gandaganda kanye nokusebenza kwezizinda zezolimo okusetshenzwa ngokuhlangenyela kuzona kungakhombisa amandla okusebenza ngokubambisana ukuze kungenye ezimakethe zezolimo, kubanje iqhaza elibonakalayo ekuthuthukiseni umnotho. USodolobha waseDumbe uMnumzane uMajuba Mavuso uthe igcagcele esokeni njengoba umphakathi kade ulilambele lelithuba lokubayingxene yeziolimo ezihleleleku ukuze bakwazi ukusungula nokuhubeka nemisebenzi ezosiza ukulwiana nendlala.

## UMnyango ubuyekeza izinhlelo zawo ukusiza abalimi

### MBUSO MFEKA

Umndeni nomndeni okhona kulesisiFundazwe kulindeleleku ukuba ube nokudla okwanele okuzowugcina usesimweni esamukelele ngokwezempi. Kepha lokhu kubukuke kubhekene nezingqinamba eziningi, okubalwa kuzo isomiso kanye namanani amba eqolo. Konke lokhu kuhinyabeze ukubakhona kokudla okwanele emakhaya. IKwaZulu Natal njengoba sihlonzw nengesinye seziFundazwe ezikhahlanyezwe kakhulu isomiso, kubize ukuthi umNyango uqhamuke namasu angcono okulwiana nobubha esFundazweni.

Okukhathaza kakhulu ukuthi lesiFundazwe isona esihamba phambi ngokushawa inkemane. Lesismo siphazamisa impilo kuwowonke amazinga njengoba nje sekunemibiko eqinisekisele ukuthi izingane ezinenimnyaka engaphansi kweyishilu kwezinye iziFunda zigula ngenxa yokuphathwa izifo ezithinta ukungondleki.

Ngalokhu umNyango phezu komgomu wawa wokujinisekisa ukubakhona kokudla okwanele kanye nokuqhamuka namasu

ahlolisisiwe okwenza ezolimo kangcono, usuwethule izinhlelo zakamuva zokusebenza okulindelele ukuba zifeze inhlosongqangi yokulwa nobubha. Ukubuyekezwa kwezhlelo zomNyango kubhekeke ukuba zenze kungabi lukhuni ukudluliselusizo emphakathini. Kunezhlelo ezifana nokukhishwa kogandagaganda ezaqala ngenhlosa yokusiza abalimi bamasimu amakhulu, kungaba ukulima ngokubamabisana noma umlimi ngayedwana. Kepha izinhlelo ezifana nalezi zibhekane nezingqinamaba eziningi ezingcine zenze ukuba umsebenzi ungaqinyeleli esigaben Sokuzisa umphakathi esilindelele.

Ezinye zeingqinamba kubekufa nokukhandwa kogandaganda, ukungaqqesheki ngokwanele kwabali mayelana nokusebenza kwaloluhlelo, ukusoshoda kukadizili, imigomo elawula ukusetshenzwa kwemali nokunye. UmNyango ubone sisikhulu isidingo sokuba loluhlelo lubuyiswe futhi seluhlele kabusha ukusiza abalimi.

UmNyango ufunu ukujinisekisa ukuthi wonke umlimi odinga lolusiza uyaluthola ngaphandle

kwezingqinamba ezingaholela ekutheni umlimi agcine engawenzanga umsebenzi wakhe.

Ukukhishwa kogandaganda kuzobamba elikhulu iqhaza ekufezini umgomo womNyango wokulima umhlaba ezindaweni ezihlala ziphinde abalimi basebenzela kuzona ngokuhlanganya.

Ukukhishwa kogandaganda kuzohambisa nohlelo lomNyango lokulima ngokuhlanganya kwabali abahlala ndawonye ezindaweni eziyizizinda zezolimo.

Ukusebenzisana kwalezizihlelo kuzoqinisekisa ukuthi zonke iziFunda zimelekile futhi ziyaholula ngaloluhlelo. Okunye umNyango osebenzela phezu kwakho ukuthi kulinywe ngokuvuma kwemikhijizo ngokuhlu kwezindawo.

Isomiso sibenomphumemela omubi osazwakala namanje njengoba ngesikhathi sokulima ngo 2015 kugcine kulinywe amahektha awu 14364 kuhela.

UmNyango usebenzela ekuqinisekisa ekutheni abalimi babambhe iqhaza kuzozonke izigaba zokwenza umkhijizo baphinde bangenele nasezimaketh, ekusabalalisweni kwemikhijizo yabo abalimi

abasizwa uhulumeni, ikakhulukazi abasebenza ngokubambisana.

Ukubuyekezwa kwalezizinda ezihlala abalimi abasebenza ngokubambisana kuzoqala ngokukhulu ukushesha njengoba ngokwezhlelo zomNyango kumele eBaqulusini, eDumbe, Amajuba kanye nasoThukela kube seluqalile loluhlelo njengoba kulindeleke ukuba ekupheleni kuka Januwari wonyaka ozayo kube sewubonakala umsebenzi owenzekayo.

Nalololuhlelo lusebenza ngaphansi kwemigomo ethize okumele ilandelwe futhi abalimi abazochazelwa ngayo, imigomo efana nokuthi kumele babe nemvume noma isivumelwano esicale, sokusebenza indawo, umthethosisekelo nokunye okuhambisana nemigomo ebekiwe.

Ukuqinisekisa iqhaza eliyilo kulendima kubiza ukueqesheka kwabali ngokwenele nangenzindlela ezihlolisise zakamuva zokwenza, baphinde baqeqesheke ngokwanele mayelana nokusebenza kwezhlelo zezolimo.

UmNyango usulikhuphule kakhulu izinga lokuqeqeshwa kwabeluleki ukuze bacije ngolwazo oluyilo oluzosiza ukuba bakwazi

ukumelana nezinselole ezikhona emsebenzini wokusiza abalimi.

UNgongqoshe uMthembu uwakalise ukukhathazeka kakhulu ngalesimo kanye nenselelo ebhekene nesiFundazwe, ikakhulukazi umsebenzi obhekene nomNyango awuholayo ngesikhathi kugujwa iWorld Food Day, kanti isekela Ngqongqoshe kuZwelone kwezoLimo uJenene Bheki Cele wakuza umkhuba wobuvila owenza abantu bangalimi ngisho nasemakhaya.

Imizamo efana nalena yakamuva iletha ithemba kubalimi nasemphakathini njengoba umNyango usuqinise waphinde wabuyekeza izinhlelo zavo ngenhlosa yokusiza abalimi nokuqinisekisa ukubakhona kokudla.

UMthembu uyakuqinisekisa ukuthi lezinhlelo ezomphakathi nendlela ezibuyekezwe ngayo yenza kungabi bukhuni ukuthi abalimi babambe iqhaza.

Phezu kwalokhu, umNyango uxusa imiphakathi ukuba iqale isebebenze iphinde ibeyiso lemisebenzi exhaswe uhulumeni njengoba inhloso kungukusiza umphakathi.

**"UHulumeni ufaka izigidi zezimali ukuze kusizakale imiphakathi kepha ngenxa yezigilamkhuba ezingayifuni intuthuko kutholakale sekuma imisebenzi obekuhloswe ngayo ukulwiana nobubha."**

# UKAUNDA UNIKE ABASFUNDI NOTISHA ITHUBA LOKUBEKA IZINSELELO

MANDISI MHLONGO, STHEMBILE LUTHULI noPHINDILE MKHWANAZI

**U**Ngqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ube yingxene yokuhambelo izikole ngaphansi kwesifunda uThukela lapho iKhabinethi yaKwaZulu-Natal ibihlola isimo ngaphambi kokuba abafundi baqale ukubhala izivivinyo zokuphela konyaka.

Kulolu hlelo oluyingxene ka-Operation Sukuma Sakhe (OSS) uKaunda uhambele isikole samabanga aphansi iNgcongwana ukubheka izinselelo lesi sikole esibhekene nazo nomphakathi wakule ndawo eKuvukeni.

Obambe njengoThishanhloko wesikole uNks Hadebe uthole ukuthi inselelo enkulu ebhekene nalesi sikole izinga lokukhulewa kwabafundi nokwenza ukuthi bangasiqedi isikole.

Ucele ukuthi kube nemikhankaso yokufundisa abafundi ngokuzithiba ocansini ukuze kuqedwe lesi sihlava esibulala ikusasa lezingane.

"Ngemuva kokuthola abantwana abafundi ababe besabuyela esikoleni okuyinto esiphatha kabi kakhulu ngoba kucekeleka phansi ikusasa lezingane ngenxa nje yokukhulewa," kusho uHadebe.

Uthe lesi sikole singesinye sezikole esimumethe iningi labafundi bakule ndawo wanxusa ukuthi uMnyango userenze lesi sikole ukuthi naso sibe sezingeni lezikole

zasemadolobheni ukuze abafundi baso bathole imfundo eseizingeni elibafanele.

UMphathiswa uKaunda ephezelwa yithimba lakhe babe sebedlulela ezinkundleni zemidlalo eCibini lapho ebeyohlangana nomphakathi wonke wakule ndawo ngenhlosa yokuxoxisana nawo ngezinselelo lo mphakathi obhekene nazo nokuzozama ukuthola izixazululo kulezo zinselelo.

Phakathi kwezikhalazo lo mphakathi okhale ngazo kubalwa ukwebiya kwemfuyo, izinga lobugebengu eliphezulu, ukudlwengula, izinga lokusetshenziswa kwezidakamizwa okuba nomthelela wobugebengu okuhlalise kabi umphakathi wakule ndawo.

Babe sebenxusa uKaunda ukuthi angenelele enkingeni yokushoda kwamaphoyisa esiteshini sendawo kanye nezinsiza-kusebenza zamaphoyisa okubalwa kuzona amaveni ashodayo.

Kubuye kwavela nokuthi izinga lokudlwengulwa kwabesifazane kule ndawo kudalwa izinga lokusetshenziswa kwezidakamizwa kubantu abasha.

Kukhalwe futhi ngokungabi khona kwemigwaqo engenela emiphakathini nokwenza ukuthi impilo ibe nzima kubona.

UKaunda uthembise ukuzicubungula zonke lezi zinkinga azithole kulo mphakathi



UMphathiswa uMxolisi Kaunda ngenkathi ehambele isikole saseMnambithi iNgcongwana njengengxene yohlelo luka-OSS. Isithombe: **ZINGISA HLATHI**

wathembisa ukuthi uzokwenza konke okusemandleni ukuthi azilungise. "Odabeni Iwemigwaqo sizolubhekisisa ngokusebenzisana

nehhovisi elingaphansi kwalesi sifunda ukuthi kungakanani abangakwenza ukulungisa lesi simo ukuze izakhamizi zikwazi

ukuhamba ngokukhululeka," kusho uKaunda.

## Kubongwe ukuphela kodlame embonini yamatekisi eNewcastle

### AKHONA DLAMINI

UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, ubambisene neHhovisi likaNdunankulu nabemboni yamatekisi babe nengqophamlando yomkhuleko wokukhulekela ukuthula nokubonga ukuphela kodlame embonini yamatekisi.

Lo mkhuleko wenzenka ngemuva kokuthi indawo yaseNewcastle ibhekane nezinkinga zodlame phakathi kososeshini abahlukene bakule ndawo okudlule nemiphefumulo yabantu abangenacala kanye kwathikameze ka nokusibenza kwezokuthuthwa komphakathi kule ndawo.

UMphathiswa uDkt Sibongiseni Dhlomo obemele uMphathiswa wezokuThutha uMnu Mxolisi Kaunda uncome abemboni ngesinqumo sokusingatha lo mkhuleko. Uncome indlela asebeshintshe ngayo uma benokungaboni ngaso linye bangasebenzisi ukudubulana kodwa bahlale phansi babonisane ngendlela eya phambili

ekuxazululen izinginga zabo.

"NjengoHulumeni, kubalulekile ukuthi sibambe iqhaza ekuqinisekiseni ukuthula nozinzo kule mboni ngoba nithwala imiphakathi nabafundi abazokuba ngabaholi bethu bakusasa.

Siyabonga kakhulu kubona bonke ubuholi beSANTACO ngokubambisana noMnyango wezokuThutha ekuqinisekiseni uzinzo kule mboni," kusho uDhlomo.

Ethula inkulomo yakhe enohlonze uNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu uWillies Mchunu uthe sekube nomehluko omkhulu embonini yezokuthuthwa komphakathi selokhu abemboni bafunda ukulungisa izinginga ngokuxoxisana hhayi ngodlame.

"Kuningi okuhle osekwenzekile kule ndawo, njengokuqeda nya ngezinkinga zodlame ematekisini akule ndawo. Sihlala sikhuthaza ukuthi kumele osomatekisi bafunde ukuxoxisana uma benzinkinga.

Lokhu kuyabasiza ekutheni baxazulule izinginga zabo

ngaphandle kokusebenzisa udlame ngoba lokho kuba nomthelela ekukhuliseni imboni yabo. Namuhla size lapha ukuzobungaza ukuthula kule ndawo nokukhulekela le mboni ukuthi ibe nozinzo.

SiyaniKhuthaza ukuthi niqhubeke nokuhlala phansi nioxo uma ninezinkinga nifane nabanye osomabhizinisi abagxile ekukhuliseni amabhizinisi abo hhayi ekubulalaneni," kusho uMchunu.

UMchunu uveze ukuthi ziningi izimvume zokuthutha umphakathi ezikhishiwe uMnyango wezokuThutha wathi inkinga enkulu iba kubanikazi bamatekisi abangaziland izungvume zabo ngezizathu ezalhukene.

"Ukulibaziseka kokukhishwa kwezicelo zezimvume kubuye kudalwe ukwehluleka kwabanikazi ukuletha imininingwane edingekeyo okuba nomthelela ekuthathweni kwesinqumo sokukhipha ilayisensi," kusho uMchunu. USihlalo we-SANTACO



Kukhanyiswe amakhandlela njengophawu loxolo ngenkathi kunomkhuleko wemboni yamatekisi eNewcastle. Isithombe: **ZINGISA HLATHI**

KwaZulu-Natal uMnu Boy Zondi ubonge kakhulu uNdunankulu Mchunu ngeqhaza alibamba ekuqinisekiseni uzinzo kule mboni ngenkathi esaphethe ezokuThutha.

"Siyabonga kuNdunankulu ngoba nguye owasifaka usiko lokuhlala

etafuleni sibonisane uma sinezinkinga kunokuthi sisebenzise udlame. Kade ewa evuka nathi engadikibali noma sesinezinkinga ezingakanani. Siyabonga kakhulu Macingwana," kuphetha uZondi.

**"Odabeni Iwemigwaqo sizolubhekisisa ngokusebenzisana neHhovisi elingaphansi kwalesi sifunda ukuthi kungakanani abangakwenza ukulungisa lesi simo ukuze izakhamizi zikwazi ukuhamba ngokukhululeka."**

# AMABANDLA EZENKOLO ATHANDAZELA UKUPHELA KWEZINGOZI ZOMGWAQO

MANDISI MHLONGO

**K** wenzeke okungajwayelekile ngesikhathi uMnyango wezokuThutha oholwa uMphathiswa uMxolisi Kaunda uhambele indawo yakwaLubisi, oPhongolo, enyakatho nesifundazwe ukuyokhulekela ukwehla kwezingozi ezidla lubi kuleya ndawo.

UMphathiswa uKaunda eholo abefundisi bamahlelo ehlukene abetheleke ngezinkani kulo mkhuleko, baqale emgwaqeni onguthela-wayeka wakule ndawo baguqa phakathi komgwaqo benxusa kuMdali ukuthi alekelele imizamo yoMnyango yokuzama ukulwa nezingozi zomgwaqo.

Indawo yasoPhongolo yaziwa njengendawo esibe nezingozi eziningi kule minyaka emithathu eyedlule.

Lo umkhankaso wokupholisa amanxeba ungomunye kweminingi emizamweni yoMnyango yokulwa nesihlava sezingozi kubuye kukhunjulwe izisulu zeingozi.

UMfundisi Elijah Mathebula webandla i-Christian White Church utha sebelahlekelwe izimpilo eziningi kakhulu ezingozini zomgwaqo, wathi lo mkhuleko uyithemba lokwenza umehluko.

"Izingane zethu, abangani nezihlobo balahlekile ezingozini zomgwaqo, lokhu kuyasikhathaza kakhulu njengabafundisi.

Siyakhuleka kuNkulunkulu ukuthi asivikele kulesi sihlava futhi nabasebenzisi bomgwaqa bathobele imithetho yikhona kuzonqandeka izingozi ezingenazsidingo," kusho uMathebula.

UNkz Lindiwe Dlamini ovalahlekelwa indodana yakhe engozini yemoto eminyakeni eyedlule utha kwaba yisikhathi esinzima kakhulu emndenini wakhe njengoba kuyiyo eyabe ibheke ikhya.

Ube esepongwa ukwelekeleka akuthola kwabakwa-Road Accident Fund (RAF) okwenza isimo saba ngcono.

UMphathiswa walo Mnyango uMxolisi Kaunda ethula inkulomo yakhe kulo mkhuleko unxenxe abafundisi abahlukene ukuthi bashumayele ivangeli lokuphepha emabandleni abo.

"Kumele sibambisane namabandla ehlukene sikhuleke nawo ekulweni nezingozi ezhilasele imigwaqo yethu.

abantu sebaphelela onembeza yingakho kumele sishintshe indlela yokwenza kanye nokucabanga kabantu.

Konke lokhu angeke sikhawi ukukwenza sisodwa njengoMnyango noHulumeni kodwa ngokubambisana namabandla ehlukene yikho okungalekelela kakhulu njengoba iningi labantu abasebenzisa umgwaqo kungabantu abahamba amahlelo ehlukene.

Singakhohlwa ukuthi ukuphepha emgwaqeni ngokwethu sonke.

Kukuthina ngamunye ngamunye ukulwa nalesi sihlava esibulala abantu bakithi," kusho uKaunda.

Ube esephetha ngokuthi anxuse wonke umuntu obehambele le nkondo ukuthi abe yinxusa lezokuphepha emgwaqeni.

Ngaphambi kwenkonzo yomkhuleko, kuqale kwaba nesivimba-mgwaqo kuwo lo mgwaqo obekukhulekwa kuwona.



UMphathiswa uMxolisi Kaunda ehambisana namalunga esiShayamthetho, abaholi bendabuko nabamabandla ehlukene enkonzweni yokupholisa kwamanxeba oPhongolo. Isithombe: **ZINGISA HLATHI**



UNgqongqoshe uKaunda efundisa abagibeli ngezokuphepha emgwaqeni kwisivimba-mgwaqo ngaphambi kwenkonzo yokuthoba amanxeba ebisoPhongolo. Isithombe: **ZINGISA HLATHI**


# NGISEBENZA NGOBUQOTHO

## NOMA NGINGALUSIWE

SERVICE DELIVERY HOTLINE

**0800 596 596**

To be the centre of governance, providing leadership towards achieving **KZN Vision 2035**





# RAPE IS A CRIME

## 365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



Abasebenzi boMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natali bayazivocavoca ngesikhathi kugujwa umnyango uhlele usuku lokugqugquzel ukuphila impilo enhle.

## OWEZEZIMALI UNAKEKELA IZIMPILO ZABASEBENZI

Ibalulekile impilo yenu basebenzi ukuze uhambe kahle nomsebenzi. Nsuku zonke kufanele nifike emsebenzini niyimiqemane futhi niphatheke kahle emoyeni ukuze nikwazi ukuqhuba umsebenzi

### NHLAKANIPHO BUTHELEZI

**A**basebenzi boMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natal babeke phansi amapeni bashiya namahhovisi abo bayo kohlangana eVoortrekker Museum, eMgungundlovu, lapho bagqugquzelwe khona ngokulandela izindlela ezinhle zokuphila kuleli sonto. Sikhulumu nabasebenzi bomnyango, isikhulumu sosuku uDkt. Colleen Coetzee, uthe ayikho into ebaluleke ukudlula ukuphila nenhlalakahle yabasebenzi. "Ibalulekile impilo yenu basebenzi

ukuze uhambe kahle nomsebenzi. Nsuku zonke kufanele nifike emsebenzini niyimiqemane futhi niphatheke kahle emoyeni ukuze nikwazi ukuqhuba umsebenzi ngokuzikhanda," kwenaba uDkt. Coetzee, oyisazi kwezesimo sengqondo kubasebenzi. Ughube wathi ukuphila impilo engalungile kubanga izinkinga nokuhlukumezekwa ngokomqondo kubasebenzi, nokuyisimo esidalu izifo zenhlizyo kanye nezinye izifo ezahlukene ezbeka impilo yomsebenzi engozini. Umnyango ugqugquzele

abasebenzi ukuba balandele usikompilo lokunakekela izimpilo zabo ukuze baphile kade futhi babe nenhlalo enhle ukuze bakwazi ukusebenza kahle. Ube usuzibophezelu ekwenzensi indawo yokusebenzela ukuthi ibe yindawo enokwesekeleka kubasebenzi, nekhuthaza abasebenzi ukuthi basebenze ngokuzimisela ukuze bakwazi ukukhiqiza imiphumela emihle emsebenzini abawenzayo. Isikhulumu sosuku uDkt. Colleen Coetzee ugcizelele ukubaluleka kokusimamisa izimpilo nsuku

zonke. "Ukuhila impilo engalungile kubanga izinkinga nokuhlukumezekwa ngokomqondo, okudala izifo zenhlizyo kanye nezinye izifo ezahlukene ezbeka impilo engozini," kusho u Coetzee. Utthe abasebenzi kanye namakhono abo yiwona kanye abalulekile emnyangweni ukuze kuhambe kahle umsebenzi. Utthe kubalulekile ukuthi umnyango uqinisekise ukuthi abasebenzi basesimweni somqondo esifanele futhi bayaphila emizimbeni. Abaqeqeshi abangochwepheshe kwezokuzivocavoca abavela

kwaPlanet Fitness basebenzise ingxenye yalo mcimbi belolonga futhi bevacavoca abasebenzi ngenhloso yokugqugquzel ukuhila ukuba bankekele imizimba yabo. Izihambeli ebezi hambele lo mcimbi kubalwa kuzo abasebenzi balo mnyango; isikhulumu sosuku u Dkt. Coetzee obvela kwaLive On; ibhange iNedbank; i-Optometry Clinic; Planet Fitness; Herbal Life; Cansa; Sanlam kanye neKwaZulu-Natal Financial Literacy Association Trust.

**"Ukuhila impilo engalungile kubanga izinkinga nokuhlukumezekwa ngokomqondo, okudala izifo zenhlizyo kanye nezinye izifo ezahlukene ezbeka impilo engozini."**

UNggongqoshe wezezimali, uNkk Belinda Scott





## UNGQONGQOSHE WEZEMIDLALO UHALALISELA IQEMBU LABADALA NGOKUVIKELA ISICOCO

Sibonga uHulumeni wethu ngokusinika lelithuba ukuthi sibe ingxene yalemidlalo. Besingakaze nje sicabange noma siphuphe ukuthi ngelinye ilanga solala emahotel.

**U**Ngqongqoshe Wezobuciko, Amasiko, Ezemidlalo noKungebeleka uNkk Bongi Sithole-Moloi uhalalisele iqembu lemidlalo ehlukene yabadala ebelimele lesi siFundazwe ngokuvikela ngempumelelo isicoco salo emidlalweni kazwelonek eabisenhlokodoloba yaseLimpopo ePolokwane ekupheleni kwenyanga edlule. "Iqembu Iethu labadala lisenze saziqhenya ngaloku elikwenzile. Bengazi vele bazokwenza kahle. Ukuzimela kwabo kumele kube yisibonelo esihle nokunikeza umdlanda kubantu abasebasha," kuphawula uNgqongqoshe uSithole-Moloi. UNkk Sithole-Moloi uphinde wabonga zonke izinhla ezibe ezeseke iqembu labadala

ngezindlela ezechlukene, ikakhulukazi uMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi wesifundazwe kanjalo neHhovisi likaNdunankulu nabo abaxhase ngezimali nokunye usizo. Lemidlalo eyaziwa ngamaGolden Games iwuhlelo olwensiwa ngokubambisana nguMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi ngokubambisana noMnyango Wezemidlalo Nokungcebeleka kuzwelonek nasezifundazweni. Emidlalweni kazwelonek eba minyaka yonke kuquhuelana zonke izifundazwe eziziyishagalolunye. Iqembu laKwaZulu-Natali yilo eliphume phambili, kanti bekungaqali. IGauteng ilale isibili kwase kuthi iqembu lasekhaya iLimpopo laphuma isithathu. Iqembu labadala laKwaZulu-Natali selazinika isidlaliso esithi

liyi "Tsunami", ngenxa yokuthi lishanelu kwasani ephambi kwalo eyindondo. Phakathi kwezikhulu ezizifikele mathupha kulemidlalo ukuzokhuthaza iqembu laKwaZulu-Natali bekukhona uNgqongqoshe wezokuthuthukiswa koMphakathi kuzwelonek uDkt Bathabile Dlamini, UNqongqoshe wesifundazwe Wezenhlahlakahle uNkk Weziwe Thusi neNhloko yoMnyango Wezemidlalo Nokungcebeleka esifundazweni uNkk Rohini Naidoo. "Sibonga uHulumeni wethu ngokusinika lelithuba ukuthi sibe ingxene yalemidlalo. Besingakaze nje sicabange noma siphuphe ukuthi ngelinye ilanga solala emahotel. Kodwa uhulumeni wethu usesiniwe lelithuba," kuphawula omunye wabo uMnuz Joseph



Madonsela uHulumeni unomgomu wokugqquqzela abadala ukuthi baziwayeze ukuthi babe ingxene yalemidlalo ngokunyakazisa imizimba yabo, ngoba kunobufakazi obuningi obuveza ngokusobala ukuthi ukuzibandakanya nezemidlalo akugcini nje ngokuletha injabulo kulowo muntu kepha kuphinde kusize ngokunye okuningi njenga nokuphila impilo enhle.



# SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni **wokuguqula**  
**izimpilo zabantu**